# *AmaHeberu, Isahluko Sesihlanu Nesesithupha* [1]

. . . se—seNcwadi yamaHeberu. Manje–ke singena kwesesi 7, ubupristi bukaMelkisedeki. Bese–ke siyangena, sisuka ebupristini bukaMelkisedeki, siyongena kulezozinsuku ezinkulu zokubuyisana, nokwehlukanisa, kwabiwa ukubuyisana. Bese kuthi–ke singene kulesosahluko esikhulu sokukholwa, isahluko 11. Nesahluko 12, "Silahla konke okusindayo." Nesahluko 13, "LeloKhaya laPhakade elingakhiwe ngezandla zomuntu; kodwa uNkulunkulu, yedwa, owenze lelikhaya elikhulu." Kumangalisa kanjani!

2 Ngiyajabula ukubona udadewethu emuva lapho, osanda kungena nje enkonzweni. Ngibona yena nomyeni wakhe. Izolo, besisemgwaqeni wethu senyuka, ukunqamula indawo e. . .Bengicabanga ukuthi bengiyazi yonke imifantu nekhona, ngokuba ngumqaphi wezinyamazane lapha eIndiana, futhi ngihamba ngokuqapha iminyaka emininingana. Ngangizazi zonke izindawo. Kodwa ngicishe ngalahleka izolo, phezulu lapho lapho ekade bekhona, esiqongweni samagquma, umgwaqo omusha.

3 Nenenekazi belinomdlavuza emaphashini, neNkosi yamphilisa ngokuqinisekile owesifazane. Sathatha. . .O, nokuthi konke kufika kanjani, besihlezi lapho. UMfowethu Roberson, cishe ukhona, namhlanje. Ngibona umkakhe, noMfowethu Woods, okhona. Futhi besiphezulu lapho etrakhini endala, uMfowethu Roberson nami, noMfowethu Woods. Sasesithatha letrakhi, senyukela lapho, esiqongweni segquma. Nalapho iNkosi yakhombisa umdlavuza ngokuqinisekile. Sase–ke sima lapho futhi sawubhekisisa usuka kowesifazane. Ngamehlo ethu uqobo, sama futhi sawubhekisisa usuka kowesifazane. Wayesebuye eshayela umkaMfowethu Woods; futhi ubetshela mina, ubephimisa leyonto emnyama ngempela. Futhi nangu kulokhu ukusa, ehlezi ngemuva ebandleni, yena nomyeni wakhe othandekayo, enesikhathi esimnandi eNkosini. Akamangalisi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

4 Futhi bengingazi ukuthi i. . .Lapha, ngokuvamile, kubantu abangakhona lapha, imibono eyivela kancane impela yenzeka lapha. Leli yikhaya lami. Futhi, ngiqonde ukuthi, ebandleni.

5 NgeSonto, iviki, si. . .Bangaki obelapha ukubona indoda isesihlalweni esinamasondo na? Iyimpumputhe, ikhubazekile, ingakwazi ukuma ibhalanse, nemizwa yengqondo ingasekho, nabakwaMayo sebeyidelile. No—nomunye umngani wami ongudokotela oyiKatolika wamthumela enhla lapha. Futhi

ngaphambi kokuza enkonzweni, iNkosi yanikeza umbono wendoda. Nonke niyakwazi lokho. Futhi lapho indoda yaphiliswa, ngoISHO KANJE INKOSI. Niyabo? Yase isukuma–ke, yaphuma, yathatha isihlalo sayo esinamasondo, ibisikwazi ukubona njengoba beningabona noma ngingabona. Yase iphuma endlini iqhuba isihlalo sayo, iphilile. Nomuzwa wokubhalansa . . . Niyazi, ungeke wakwazi ukuzimela. Niyabo, ungeke nje. Futhi iminyaka kunjalo.

6 Futhi izolo ngenkathi ngifika lapho, inenekazi belikade linephupho lokungibona ngingena, ngelesibili nje nqo, ngase ngithi li "nomdlavuza," kwase kuthi–ke, "ISHO KANJE INKOSI, 'liphilisiwe.'" La—lase livuka, futhi bekungelesibili nje nqo. NoMoya weNkosi wehla, nalapho lelo—lelophupho elibe nalo, neNkosi yanikeza incazo. Futhi laphiliswa khona lapho endaweni, khona lapho lapho ebesibhekisise khona. Kumangalisa kanjani pho!

7 Angisalicabangi igama lalo. Lingubani? Ungubani igama lakho, dadewethu na? UWalton, Dadewethu Walton, ehlezi emuva lapho. Ungasukuma nje, Dadewethu Walton na? Ngifuna ukukubuza ukuthi uzizwa unjani. [UDadewethu Walton uthi, "Kuyamangalisa nje."—Umhl.] Amen. Lokho kuhle, kuhle futhi kuhle kakhulu. Muhle kakhulu, ukuba asibusise ngaleyondlela. Ngakho sibheke eseqile, esikhulu kakhulu, sesilinganiso sikaNkulunkulu esikhulu.

8 Udokotela ubemfihlela lokhu. Wamtshela ukuthi "wayephefumula nje nganxanye." Okwakuyikho, umdlavuza wawusukhule wavundla wase unqamula ukuphefumula kwalolohlangothi lwephaphu, niyabo. Ungeke wawubona umdlavuza nge x–reyi, ngoba umdlavuza uyingqamuzana, qobo lwawo, futhi u—ungukuphila. Futhi wena u . . . Wena uvele nje—uvele nje ubuke ngale komdlavuza, nge x–reyi. Awuwuboni.

9 Futhi, kodwa iNkosi ngempela i . . . Sama lapho sase siwubhekisisa, qobo lwethu, ngamehlo ethu uqobo. Siwubhekisisa unyakaza, futhi sawubona usuka, ngamehlo ethu uqobo. Ngakho, sithokoza kakhulu ngalokho.

10 Futhi manje, sikhulekeleni manje, leliviki, sisahambile. Futhi uMfowethu Neville mhlambe uzothatha lapho engishiye khona, okwenkonzo yangoLwesithathu ebusuku. Ningayigeji manje, kuleliketango elikhulu leNcwadi enkulu yeSambulo.

11 Ngiyazi umkhuleko omningi ushiwo, futhi si—siyazi ukuthi uNkulunkulu uyawuzwa umkhuleko. Kodwa thina, kulokhu ukusa, sifuna ukunikela umkhuleko omncane nje ngaphambi kokufundwa kweNcwadi. Manje, noma yimuphi umuntu okwaziyo, angayifunda iNcwadi nga*le*ndlela, noma angayivula nga*le*ndlela. Kodwa kuthatha uNkulunkulu, yedwa, ukuvula ukuqonda, ngokuba NguYe kuphela ongakwenza.

Ngakho asikhothamise amakhanda ethu okomzuzwana nje.

12 Manje, Baba, eGameni leNdodana yaKho ethandekayo, iNkosi uJesu, siza ngokuzithoba okukhulu impela manje ukuba sizinikele, njengezinceku zaKho, ukuthi Uzokhuluma ngathi. Soka izindebe ezikhulumayo nezindlebe ezizwayo, ukuze iZwi likhulunywe nguNkulunkulu futhi lizwiwe nguMoya, kubantu. Siphe khona, Baba. Kwangathi Angathatha iZwi likaNkulunkulu futhi asikhonze nje njengoba sinokudinga, ngokuba sikucela eGameni laKhe nangenkazimulo yaKhe. Amen.

13 Manje, ngifunda kulokhu ukusa, siyatadisha. Asi—sishumayeli; nje sitadisha leNcwadi yamaHeberu. Bangaki oyijabulelayo na? O, sinesikhathi esimnandi! Futhi manje sitadisha nje ngokusondela, umBhalo phezu komBhalo. Kufanele ku . . . Konke, iBhayibheli lonke libophana ndawonye. Akukho nelilodwa iZwi eliphumile endaweni yaLo, uma Libekwa ndawonye nguMoya oNgcwele.

14 Manje, umuntu uthe, “IBhayibheli Liyaziphikisa.” Ngifuna ukukubona. Ngibuzile, iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, ngalokho, futhi akukho noyedwa osewake wakukhomba namanje. IBhayibheli aliphikisani. Uma liphikisana, alisilo iBhayibheli. Omkhulu, uJehova ongenasiphelo wayengenakuZiphikisa Yena uqobo, ngakho akukho kuphikisana eBhayibhelini. Ngukungaqondi kwabantu nje.

15 Manje okwesendlalelo esincane, size sibuyele emuva. Manje, iNcwadi yamaHeberu yabhalwa nguPawulu oNgcwele, kumaHeberu. Wabhala eyodwa kwabase–Efesu, labo kwakungabantu e–Efesu, iBandla lamaKristu; eyodwa kwabaseRoma eRoma; neyodwa kwabaseGalathiya; neyodwa kumaHeberu.

16 Manje, siqaphela ukuthi uPawulu, enguthisha weBhayibheli, kwasekuqaleni nje. Yilokho esikufundile. Ukuthi wahlala phansi kukathisha omkhulu, omunye wabakhulu kunabo bonke wangezinsuku zakhe, uGamaliyeli. Futhi wayelifunde kahle kakhulu iTestamente eLidala. Wayelazi kahle. Kodwa waba ngumhluphi wendlela eyayiyiNdlela kaKristu, ngoba wayekade eqeqeshwe eTestamenteni eLidala phansi kothisha, kodwa othisha, ngokwejwayelekile kwenyama . . . Ngethemba ukuthi angisho noma yini ngokungafanele.

17 Kodwa, ngokwejwayelekile, uma umuntu enokufundisa nje nendlela yezikole, ngokwejwayelekile kungokwenziwe ngumuntu. Niyabo, akuphefumulelwe, ngoba kuba yimfundiso yesikole. Sinayo namhlanje. IPresbyterian, iLuthela, iPentecostal, zonke lezizikole zinesichasiselo sazo esibonwa ngokucabanga, futhi nje zisongela imiBhalo kulokhu.

18 Futhi kwakufana eTestamenteni eLidala. Kodwa, uPawulu, eqeqesheke kahle, futhi wayeyazi imiBhalo ngegama. Kodwa, niyabo, imiBhalo, akunandaba ukuthi uyazi kahle kanjani, uma uMoya ungayiphilisi, khona–ke igama liyabulala. UMoya uyaPhilisa. Niyabo, ufanele uphiliswe, noma wenziwe uphile, ngoMoya. Uma uMoya ungaliphilisi iZwi futhi uLenze libe yilo ngempela kuwe, khona–ke igama lingukuhlakanipha nje. Yilapho esinamaningi kangaka amaKristu azivumayo namhlanje, noma amaKristu azishoyo, yilowomqondo wokuhlakanipha kaKristu.

19 Bese-ke sichezukela ekutheni, "Awu, wayedingeka kubekhona into ayizwayo, futhi wawudingeka kubekhona into oyenzayo." Futhi, o, sizongena kukho konke lokho, emva kwesikhashana. Omunye wayedingeka amemeze. AmaMethodisti ayevame ukudingeka amemeze, ngaphambi kokuba abe nakho. AmaPentecostal ayedingeka akhulume ngezilimi, ngaphambi kokuba abe nakho. Futhi, o, amanye awo, abaQhaqhazeli, babedingeka ukuba baqhaqhazele. Ya. Abadala . . . Babehla–benyuka, owesilisa ngakolunye uhlangothi, abesifazane ngakolunye. Niyabo? Abaqhaqhazeli. Bese–ke uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo bese ubaqhaqhazelisa. "BabenaWo." Kodwa konke nje kungokufekethisiwe. Akukho nakunye kwakho okuliQiniso.

20 UNkulunkulu uhlala eZwini laKhe. "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi. "Usindiswa ngokukholwa, ngomusa." Hhayi nganoma yini, noma ngabe uyaqhaqhazela, noma ukhuluma ngezilimi, kumbe noma ngabe kwenzekani. Lokho akuhlangene ngalutho kukho, nhlobo. UJesu wathi, "Ozwa amaZwi aMi futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade. Ozwa iZwi laMi futhi akholwe, lenziwe laphiliswa kuye, unokuPhila okuPhakade." Nakho. Akunandaba ukuthi yintoni encane oyenzayo.

21 Manje, angiphambene nokuqhaqhazela, noma ukukhuluma ngezilimi, noma ukuqhaqhazela, o, lokho—lokho kumemeza. Lokho kulungile. Lokho kuhle. Kodwa lokho kuyimiphumela kuphela. Niyabo? Bengingakunika iapula livela esihlahleni, futhi ubungabe usalokhu ungenaso isihlahla. Uyabo? U . . . Yimiphumela.

22 Ukuqamba amanga, ukweba, ukuphuza, ukubhema, ukugembula, ukuphinga, lokho akusiso isono, lokho yimiphumela yokungakholwa. Niyabo? Yilokho o—o . . . Wenza lokho ngoba uyisoni. Uyabo? Kodwa kuqala uyisoni. Yilokho okukwenza wenze lokho, ngoba awukholwa. Futhi uma ukholwa, khona–ke awukwenzi lokho. Khona–ke unothando, ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ubuvi, ububele, ubumnene, ukukhuthazela. Leso yisithelo sikaMoya oNgcwele. Niyabo?

23 Ngakho sinezinto ezincane, amadlingozi amancane, yingenxa yokuthi lowomuntu wachezuka kwendala, indlela yezinyawo esivuthiwe yeZwi. YiZwi. "Ukukholwa kuvela ngokuzwa."

24 Ngakho ngenkathi uPawulu. . .UNkulunkulu wakhetha uPawulu. Umuntu wakhetha uMathiya. Ngenkathi e. . .Benza izinkatho, kodwa akazange enze lutho. Lokho kukhombisa ukuthi mandla mani ibandla elinawo–ke, ukwenza ukukhetha, ukukhetha abadikoni babo, bese bethumela abashumayeli babo ezindaweni ezehlukene. Lokho ngokwenyama, isikhathi esiningi.

25 Umuntu akaye lapho uNkulunkulu emholela ukuba aye khona. Ngiyakuthanda lokho. Uma abantu kwinkomfa bethi nje, "Awu, nanti ibandla elihle. Lomfowethu wakhe isonto elihle. Futhi sinencelebana encane." Bazomthumela kulelisonto. Abaqondi ukuthi bazibulala bona uqobo. Niyabo? Indawo yokuqala, uma leyondoda iyongena lapho, ayikwazi ukugcwalisa leyondawo yendoda. Khona–ke kuphela baqeda amandla isonto, ukukhombisa ukweseka enye incelebana. Bekuhlala njalo kungaleyondlela.

26 Kodwa ngikholelwa egunyeni eliphakeme lombuthano webandla lendawo. Yebo. Ibandla ngalinye malizimele, likhethe abelusi balo, abadikoni balo, okwalo, noma ngabe kuyini. Bese kuthi–ke, ngaleyondlela, indoda phakathi lapho ayinabhishobhi ongaphezu kwayo. UMoya oNgcwele ufuna ukukhuluma into ethize kulelobandla, abadingi kubuza–muntu ngokuthi ngabe bafanele yini benze *lokhu* noma benze *lokho*. Ngumuntu ngamunye ekuxhumaneni noMoya oNgcwele. Ngikhombise ngeBhayibheli ukuthi yikuphi okukhulu kunokunye, eBhayibhelini, kunelunga elidala lendawo ebandleni lendawo na? Kunjalo, yebo, mnumzane, ukuzibusa kwebandla lendawo, ibandla ngalinye kulo uqobo. Manje, ubuzalwane, lokho kuhle kakhulu. Onke amabandla afanele abe sebuzalwaneni kanjalo, ndawonye. Kodwa ukuzibusa kwebandla lendawo!

27 Qaphelani uPawulu, engomkhulu uthisha omkhulu, eqeqesheke kahle, esendleleni yakhe ebheke ezansi eDamaseku, ngoluny'usuku, ukuyobopha abantu ababekuleNdlela entsha. Manje, wayeqotho. UNkulunkulu akakwehluleli ngobuqotho bakho. Angikaze ngibabone abanye abantu abaqotho ukwedlula abahedeni. Abaningi babo baze babulale ngisho nabantwana babo uqobo, ngeze, ngo—ngomhlatshelo wesithixo. Akusibo ubuqotho. Umuntu ubengathatha isimuncu esingumuthi wokubulala imbewu yokufa, ngobuqotho, ecabanga ukuthi ubethatha enye into. Ubuqotho abukusindisi. "Kukhona indlela ebonakala sengathi ilungile kumuntu, kepha ukuphela kwayo kuyizindlela zokufa."

UPawulu wayeqotho ngenkathi enikeza ubufakazi, egunyeni okungelakhe, ukukhanda ngamatshe uStefanu. Kamuva eminyakeni, ngiyakuthanda ukuxolisa kukaPawulu, wathi, “Angifanele ukubizwa ngomfundi noma ukubizwa ngomphostoli, ngoba ngalihlupha iBandla ngisho nasekufeni.” Ngobuqotho!

28 Futhi endleleni yakhe ebheke ezansi, wazithela esehlakalweni. UMoya oNgcwele uphuma ukwenkulu iNsika yoMlilo, futhi Yamphuphuthekisa. Manje, sedlulile kulokho, leyoNsika yoMlilo yayinguKristu. Futhi UyiNsika yoMlilo efanayo eyahola abantwana bakwaIsrayeli bedabula ehlane. UKristu wayenguNkulunkulu, noNkulunkulu wayenguKristu. UNkulunkulu wenziwa inyama futhi wakha emzimbeni weNkosi uJesu. “UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe uqobo,” ekhombisa Ayeyikho.

29 EBhayibhelini emuva lapha, emavesini asekuqaleni kade sifunda, ukuthi, “WaZenza waba ngaphansi kweziNgelosi. Ethathe isimo, hhayi seziNgelosi, kodwa ethathe isimo senyama.” IziNgelosi zazingawanga, azidingi–kuhlengwa. Inyama yayiwile, izidalwa ezingabantu, futhi zazidinga ukuhlengwa. Ngakho, emithethweni emidala, umuntu, ukuba abe ngu—ngumhlengi, kuqala wayefanele abe yisihlobo somndeni; iNcwadi enkulu kaRuthe, sedlulile lapha, esikhathini esithile esedlule. Nokuthi uNkulunkulu wakwenza kanjani, enguMoya, wenziwa isihlobo somndeni nathi, ngokuba ngomunye wethu, ukuze asihlenge futhi asiphe ukuPhila okuPhakade. Wadingeka abe yithi, ukuze thina ngomusa sibe njengoba Enjalo.

30 Futhi sithola iNsika yoMlilo yahola abantwana bakwaIsrayeli. Futhi ngenkathi Yenziwa inyama lapha emhlabeni, siyaYizwa ixoxa ngolunye usuku, futhi Yazisho ukuthi YayiyiNsika yoMlilo. Bathi, “Wena uthi umkhulu kunobaba wethu uAbrahama na?”

31 Wathi, “Engakabikho uAbrahama, NGIKHONA.” Wayengubani uNGIKHONA na? INsika yoMlilo esihlahleni esivuthayo, isikhumbuzo esingapheliyo kuzo zonke izizukulwane; hhayi kuphela kulesosizukulwane, kodwa lesisizukulwane, iNsika yoMlilo efanayo. Futhi siyabonga kulokhu ukusa ukuthi sinaso ngisho nesithombe saYo, ukuthi Ayikaguquki. IngoNgenakufa, oPhakade, OBusisiweyo. Yenza izinto ezifanayo manje neYazenza ngaleyonkathi, futhi kusenza sizizwe sijabule kakhulu.

32 Kodwa ngaphambi kokuba uPawulu emukele lesisehlakalo. . . Azi ukuthi iNgelosi yeNkosi yayiyiNsika yoMlilo, okwabe kunguKristu, i. . . Awu, WayeyiNgelosi yesiVumelwano, okwabe kunguKristu. UMose wacabanga kangcono, ukuthi, waqoka ukuzwa izinhlupheko nabantu

bakaKristu, nokuholwa nguKristu, kunazo zonke izingcebo zaseGibhithe. Walandela uKristu, owayesesimweni seNsika yoMlilo.

33 Wayesethi–ke uKristu, "Ngavela kuNkulunkulu," ngenkathi Elapha emhlabeni, "Ngibuyela kuNkulunkulu." Emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, ukuvuka, umzimba okhazimulisiwe uhlezi ngakwesokudla soMkhulu, ukwenza isinxuselo; uPawulu waMbona njengeNsika yoMlilo, futhi: ukuKhanya okwakhipha amehlo akhe, cishe; kwamshaya waphuphutheka.

34 UPetru waMbona engena ejele njengokuKhanya, futhi evula iminyango phambi kwakhe lapho ephuma. Sithola ukuthi WayenguAlfa no–Omega, owokuQala nowokuGcina.

35 Futhi nangu Unathi, namhlanje, enza zona impela izinto ezifanayo Azenza ngaleyonkathi, Ezenza abuye abonakale kithi, ekukhombisa ezweni lesayense.

36 O, kulelihora elikhulu lobumnyama nenxushunxushu phezu komhlaba, sifanele sibe ngabantu abajabule kunabobonke emhlabeni wonke, ukuba sijabule, ukwazi. Ngaso sonke isikhathi, lapho abantu befunzwe imfundiso kangaka, nazo zonke izinhlobo zezimfundiso ezigqamileyo nezinto emhlabeni, futhi namanje, namhlanje, owangempela, uNkulunkulu ophilayo, ngeZwi laKhe nangobufakazi baKhe obubonakalayo, esikhombisa ukuthi Ulapha kanye nathi, esebenza, enyakaza, ephila, enza njengoba impela nje Wayehlala enza. Singabantu abanenhlanhla kanjani pho, ukuba sibe nalokhu! Besifanele si . . . IBhayibheli lasho, ngaleyonkathi, esahlukweni 2, "Sifanele sibambelele kulezizinto. Ngoba, siyophunyuka kanjani uma sidebesela ukusindiswa okungaka na?"

37 Manje, siza ekutholeni ukuthi, ngaphambi kokuba uPawulu emukele lesosehlakalo . . . Manje, sijwayeza umzimba. Manje, akunandaba ukuthi nhloboni yesehlakalo osewake waba naso, bandla, kukhona engifuna ukunibuza khona. Akunandaba ukuthi kubukeka kukuhle kanjani, ukuthi kubukeka kuyikho ngempela kanjani, kuqala kufanele kuhlolwe ngeBhayibheli. Njalo kube seZwini! Ningalokothi nikushiye Lokho, nganoma yiluphi uhlobo lwesehlakalo.

38 Futhi uPawulu, ngaphambi kokuba akwemukele, wehlela eArabiya, futhi lapho wahlala iminyaka emithathu, ehlola lesisehlakalo neZwi. Futhi ngenkathi esebuya, wayeqinisekile. Akukho okwakungamchitha, ngokuba wayeqinile eZwini, engenakunyakaziswa. Futhi lapha yilapho ejika manje ukukhombisa lamaHeberu, lezozinto ezinkulu okwakhulunywa ngazo, zeTestamente eLidala, kwabonakaliswa kuJesu Kristu. Inkazimulo enje pho!

39 Manje, ngeSonto eledlule, noma ngoLwesithathu olwedlule, uMfowethu Neville phakathi lapha, esahlukweni 5, ushaye ezinye izindawo eziphakeme impela, ngoba yisahluko

esimangalisayo. Futhi simthola ephathelene nesahluko 4, ngeSonto eledlule, nge*Sabatha*, ukugcinwa kweSabatha. Ngabe niqinisekile, kulokhu ukusa, niyazi ukuthi kuyini ukugcinwa kweSabatha na? Uma nazi, thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

40 I*Sabatha* nguku "Phumula" esingena kukho, hhayi ngosuku, hhayi ngomthetho, kodwa ngokungena kuKristu oyiSabatha lethu. UyiSabatha lethu. Sikuthathe kulo lonke iTestamente eLidala, futhi sakhombisa ukuthi isikhathi siyofika lapho iZwi liyofika "umudwa phezu komudwa, isiyalezelo phezu kwesiyalezelo." Futhi Wafakazisa ukuthi sangena ekuPhumuleni kwaKhe ngoSuku lwePhentekoste, "Ngalokhu uyakubangela abayethileyo ukuba baphumule, baphumule ngokuthi bakhawuke."

41 Siyathola, ukuthi, "UNkulunkulu wanquma usuku ngoDavide, mayelana nosuku lwesikhombisa." Futhi, "UNkulunkulu waphumula ngolwesikhombisa." Ulunika a—abantwana bakwaIsrayeli ehlane. "Kanti futhi, Wanquma usuku." Kwakusuku luni na? Usuku oluthile evikini na? Usuku nxa nizwa iPhimbo laKhe, ningayenzi–lukhuni inhliziyo yenu." Lolo wusuku Angena ngalo, ukukunika ukuthula okuPhakade, iSabatha eliPhakade.

42 Awuyi esontweni ngeSonto, ukuba ube ngonenkolo, ngaleyonkathi. Uma uzalwa nguMoya kaNkulunkulu, ungena ekuPhumuleni kuze kube–phakade, akusesikho ukugcinwa kwesabatha. U*phakathi* eSabatheni, ngokuqhubekayo, kuze kube–phakade, naPhakade. "Imisebenzi yakho yezwe usuphelile," kusho iBhayibheli, "futhi ningene kulokhu ukuthula okubusisiwe."

43 Lezizahluko ezinhlanu zokuqala zibeka uJesu ngendawo eyiyonayona njengomPristi oMkhulu. "UNkulunkulu esekhulumile endulo kobaba ngabaprofethi ngamathuba amaningi nangezindlela eziningi, kodwa ekugcineni kwalomuhla ukhulume ngeNdodana yaKhe, uJesu," isahluko 1, ivesi 1.

44 Bese–ke kwehla njalo kuyophethela esahlukweni 5, siMthola emelwe njengo "Melkisedeki, owayengenakuqala kwezinsuku, nakuphela kokuphila kwakho, kodwa ngokuqhubeka engumPristi kuze kube–phakade." Cabangani ngakho. Yayingubani leNdoda enkulu na? Sizokuthola, cishe kwezinye futhi izahluko ezimbili. Yonke impilo yaYo, sizotadisha. "LeNdoda enkulu eyahlangabezana noAbrahama, eyayingakaze ibe nababa, ingazange neze ibe na–mama. Ayizange ibe nasikhathi Eyake yaba nokuqala ukuphila, noma Ayisoze ibe nesikhathi Eyoke ibe nokuphela ukuphila. Futhi Yahlangabezana noAbrahama evela ekubulaleni inkosi."

45 Qaphelani lomuntu omkhulu, noma ngabe Wayengubani, usaphila. Wayengenakuphela kokuphila. KwakunguKristu, ahlangabezana naye. Siqhubekela ekutadisheni okujulile kwalokho, ezinsukwini ezimbalwa.

46 Manje, sifuna ukuqala ngapha esahlukweni 5 manje, okwesendlalelo esincane nje ngaphambbi kokuba sishaye e—esesi 6, ngokuba ngempela kuyinto egqamile. Bhekisisani ngokusondele. Sizoqala cishe ngevesi 7 lalesisahluko. Awu, asiqale evesini 6.

> *Njengokuba esho nakwenye indawo, Wena ungumpristi kuze kube–phakade ngokokuma kukaMelkisedeki.*

> *Owathi e. . .nikele emihleni yakhe yenyama yakhe ngemikhuleko nokunxusa nokudazuluka okukhulu. . . zinyembezi kuyena owayenamandla okumsindisa ekufeni, wezwiwa ngenxa yokumesaba;*

> *Nanxa eyiNdodana, wafunda ukulalela ngalokho ahlupheka ngakho;*

47 Manje nakhu lapho engifuna ukufika khona, lelivesi 9. Lalelani. Ngiqagele uMfowethu Neville ulishayile, ngoLwesithathu. Bengingekho lapha. Awu, lalelani.

> *Esephelelisiwe, waba–yisisusa sokusindiswa okuphakade kubo bonke abamlalelayo;*

> *Ebizwa nguNkulunkulu ukuthi umpristi omkhulu ngokokuma kukaMelkisedeki.*

> *Sinokuningi esingakusho ngalokho, . . .*

48 Sikushiya lapho kulokho, ngoba sizocosha uMelkisedeki ebusukwini obumbalwa.

49 Manje sizoqala ngalokhu, ukutadisha kwethu okuvamile. Ngifisa. . .Ngizofunda nje konke okwalokhu umzuzwana, ivesi 11.

> *Sinokuningi esingakusho ngalokho, . . .kulukhuni ukuchasisela, lokhu senababuthuntu ekuzweni.*

> *Ngokuba noma benifanele ukuba nibe-ngabafundisi, uma kuya ngesikhathi nisadinga futhi ukuba kube–khona onifundisa iziqalo zezifundiso zamazwi kaNkulunkulu; senaba–ngabadinga ubisi, esikhundleni sokudla okuqinileyo.*

> *Ngokuba lowo odla ubisi akakaqondi–lutho lwezwi lokulunga: ngokuba uyingane.*

O, ngithemba ukuthi uMoya oNgcwele ukuthathe wakuyisa phansi ngqo lokho phansi ekugcineni kwenu manje.

> *Ngokuba lowo o—odla ubisi akakaqondi–lutho lwezwi lokulunga: ngokuba uyingane.*

50 Unika ingane ukudla okuqinile, uyayibulala. Yingalesosizathu abantu abaningi kangaka bethi, "A, a—angikukholwa lokho," bese besuka bahambe. Basalokhu beyizingane! Abakwazi nje ukuqonda. Abakwazi nje ukubamba leloQiniso. Li—Liyababulala. Ezinkulu, izinto ezinamandla ibandla elifanele lizazi namhlanje, kodwa ubungeke uLifundise. Ba—ba—ba—ba—bayakhubeka kuLo. Abazi ukuthi bazokwenzenjani ngaLo.

51 UPawulu, ekhuluma kuleliqembu lamaHeberu . . . Nokho, izifundiswa ezinkulu akhuluma kuzo manje, izifundiswa ezinkulu, ezifundiswe kahle. Siyakuthola lokho, emizuzwaneni embalwa—embalwa, ezifunde kakhulu impela. Kodwa iMfihlakalo yokomoya ejulile, ibandla lisalokhu liphuphuthekile kuYo. Wathi, "Benifanele ngabe nifundisa abanye, niseyingane."

52 O, ngiyazi kunabaningi abasukumayo futhi baphume futhi bathi, "O, angisadingi ukuba ngibe ngisaya ebandleni. Akadunyiswe uNkulunkulu, uMoya oNgcwele usufikile, Ungumfundisi." Uma uthola lowomqondo, unephutha nje. Ngokuba kungani uMoya oNgcwele wamisa abafundisi ebandleni, uma Wayezoba ngumfundisi na? Niyabo? Kuqala kukhona abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abavangeli, nabelusi. UMoya oNgcwele wamisa abafundisi ebandleni, ukuze Akwazi ukufundisa ngalowomfundisi. Futhi uma ku—kungahambi ngokweZwi, uNkulunkulu engakuqinisi, khona–ke akusilo uhlobo olufanele lokufundisa. Kufanele kuqhathaniseke nalo lonke iBhayibheli, futhi nje liphile namhlanje njengoba Lalinjalo ngaleyonkathi. Nanso into yangempela ebonakalisiweyo.

53 Manje qaphelani.

> *Kepha ukudla okuqinileyo kungokwabakhulileyo, abathi ngokujwayela Ukuwusebenzisa . . . bawusebenzisile umqondo sebenawo osulungele ukwahlukanisa okuhle nokubi.*

Bayazi ukuthi yikuphi okulungile nokungalungile, ngokwahlukanisa.

54 Manje qaphelani, siqala manje ngesifundo sethu. Lesisendlalelo esikhulu manje, asingenele ivesi 1.

> *Ngakho-ke masidlule esifundisweni sokuqala ngoKristu, . . .*

Uthini na? Zonke lezizahluko ezinhlanu zokuqala bezibekwa kuKristu, ukukhombisa ukuthi Ungubani. Manje siyedlula kulezoziqalo zezifundiso zikaKristu.

55 SiMthola eba yini na? SiMthole eba nguJehova uNkulunkulu oMkhulu ebonakaliswe enyameni. SiMthole e—engabi ngumprofethi, kodwa ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba. WayenguJehova enziwe inyama. Nomzimba,

uJesu, kuphela wayeMtabernakele. UNkulunkulu ehlala kumuntu. UNkulunkulu ebuyisana nomuntu, ngomuntu, ngokuzalwa yintombi kweNdodana yaKhe uqobo. Futhi uJehova, uMoya, wayehlala kuYe.

56 Manje, bangaki okhumbula ukufundisa ngobuNkulunkulu, ukuthi sibuyele kanjani emuva futhi sathola uNkulunkulu njengothingo lwenkosikazi olukhulu nawo wonke uMoya ohlukile, ukuthi Wawunjani na? Kwase kuthi-ke iZwi—mcabango laphuma kuNkulunkulu, eliba ngumzimbamoya, nalowo wawusesimweni somuntu. NoMose uWubonile wedlula, esemfantwini wedwala. Kwase kuthi—ke lowomzimbamoya wenziwa waba yinyama yomuntu uqobo, uKristu.

Futhi sithola kanjani ukuthi thina, ngomusa waKhe, sinokuPhila okuPhakade. Manje, igama *kuze kube–phakade* linge "lebanga; ibanga lendawo yesikhathi." Kwathi, eBhayibheini, "Kuze kube–phakade *na*phakade," isihlanganiso. Kodwa *ukuze kube–phakade* kuphela usho "isikhathi." Kodwa Phakade kusho kuze kube–phakade. Futhi kuphela yonke into eyayinokuqala inokuphela, kodwa izinto ezazingenakuqala ayinakuphela. Ngakho uNkulunkulu wayengenakuqala futhi Akanakuphela.

57 Futhi ngakho, ngakho–ke, uMelkisedeki, umPristi omkhulu, njengomuntu, Wayengenakuqala futhi Akanakuphela. Futhi uma thina, ngalowomzimbamoya, ukuthi, senziwa ngomfanekiso kaNkulunkulu ngaphambi kokuba kuze kwenziwe izwe; uma lowomzimbamoya sewenziwe inyama futhi wakha phakathi kwethu, manje–ke, ngokufa kwaKhe, thina uqobo semukela uMoya waKhe futhi asinakuphela; ukuPhila okuPhakade; hhayi iziNgelosi, kodwa abesilisa nabesifazane. O, ngi . . . Ngandlelathize, ukuba kuphela bengingakuthola ngendlela zethameli zami—zami ebezingakubamba ngayo! Awusoze waba yiNgelosi. UNkulunkulu wenza iziNgelosi, kodwa uNkulunkulu wenza umuntu. Futhi uNkulunkulu akwenzayo kusuka kuNkulunkulu, okungukuthi kuPhakade nje njengoba uNkulunkulu enjalo. Nomuntu uPhakade nje njengoMdali wakhe, ngoba wenziwa ePhakadeni.

58 Kodwa isono sinokuphela, ukuhlupheka kunokuphela. Ngakho–ke, singeke sabakhona isihogo saPhakade. Kukhona isihogo, umlilo nesibabule, siyakwazi lokho, kodwa asikho isihogo saPhakade. Lunye kuphela uhlobo lokuPhila okuPhakade nalolo lungolukaNkulunkulu. Uma uzohlupheka kuze kube–phakade, unokuPhila okuPhakade. Isihogo sinokuphela, singahle sibe yizigidigidikazi zeminyaka, kodwa ekugcineni siyofika ekupheleni.

59 IBhayibheli alisho, nomaphi, ukuthi bahlupheka Phakade, lathi, "Kuze kube-phakade naphakade." UJona wacabanga ukuthi wayesesiswini somkhomo "kuze kube–phakade," naye.

U*kuze kube–phakade* unebanga noma isinqumo sesikhathi. Kodwa i*Phakade* lingokungapheliyo, alinakuqala noma ukuphela. Linjengeringi, indingilizi. Futhi njengoba isikhathi sethu siqhubeka, sisekuzungezeni kuphela ngasezinjongweni ezinkulu zikaNkulunkulu.

60 Injongo kaNkulunkulu yayingukwenza umuntu ngomfanekiso waKhe, ukuhlanganyela naYe. Futhi Wamenza abe yisidalwa esibambekayo. Manje, isono sasifaka endaweni yo—yo—yokonakala, kodwa lokho akuzange kumise uhlelo lukaNkulunkulu. Futhi, mngani oyisoni, namhlanje, uma ungazelwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, unokuphela ndawondawo. Nokuphela kwakho kuyinxushunxushu, kusencithakalweni, nokuhlupheka nosizi. Kodwa kinina enikholwe eNkosini uJesu, futhi nemukela ofanayo njengoMsindisi oqondene nani, kuPhakade nje njengoba uNkulunkulu ePhakade. Aninakuphela, "Ngibanika i*Zoe* yaPhakade, ukuPhila kukaNkulunkulu uqobo, futhi abasoze babhubha noma beze ekwahlulelweni ngisho, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Yilokho Ayeyikho. Yilokho Akuzelayo.

61 Manje, uJesu, ekufikeni kwaKhe, kobuprsti baKhe, akafikanga nje ngenxa yozwelo. Abantu abaningi bakufundisa kanjalo, ukuthi Ufika, ethi, "Awu, mhlawumbe uma Ngihlupheka, Ngizoba ngo—ngo—ngobukwa ngokudatshukelwa nabantu ngempela bazoza kiMi." Lokho ngukweduka. Akukho–mBhalo walokho.

Ngokuba, wonke umuntu oyoke aze asindiswe, uNkulunkulu wayebazi ngaphambi kokuba izwe lize libunjwe. IBhayibheli lasho njalo. "UNkulunkulu akathandi manje ukuba kubhubhe namunye." Ubafuna bonke beze ekuphendukeni. Kodwa, ngokuba nguNkulunkulu, ngokwaziphambili Wakwazi.

62 Bukani kwabaseRoma, isahluko 8. UPawulu wayemise lapho, esho ngokukhetha kukaNkulunkulu, ukuthi, "UEsawu noJakobe, ingakabikho ingane ezelweyo, kumbe noma yini, uNkulunkulu wathi Wayebazi futhi Wamzonda uEsawu futhi wamthanda uJakobe," engakabikho umfana owaba—owaba nethuba ukuzwakalisa ukubonga kwabo, ngokuba WayenguNkulunkulu. Uyazi . . . Ungongenasiphelo. Uma Engongenasiphelo, Wayazi onke amazeze, zonke izimpukane, zonke izimbuzane, zonke izinto ezaziyoke zibe semhlabeni. Wayekwazi. Ungongenasiphelo, oPhakade, ongayikufa, uNkulunkulu obusisiweyo, umninimandla onke, osezindaweni zonke, owazi konke. Ayikho into Angayazi. Yingalesosizathu Engasho ukuthi ukuphela kuyoba yini. Wayazi ukuphela kusukela ekuqaleni.

63 Okuyisiprofetho kungukwazi kwaKhe nje. Ungummeli oyinduna. U, Ungu . . . Ungumahluleli. Futhi nje Ukhuluma

kwi—kwisazimthetho okunye kokuhlakanipha kwaKhe. Futhi siyilokho–ke isiprofetho, esingakusho kungakenzeki, ngoba Uyazi ukuthi kuzoba yini. Manje, nango uNkulunkulu esimkhonzayo. Hhayi unkulunkulu womlando, hhayi njengoBhuda nabakaMohamede, kanjalonjalo. Kodwa, uNkulunkulu osezindaweni zonke, khona manje lapha, kulokhu ukusa, kulelitabernakele khona manje; uJehova omKhulu, NGIKHONA, OwaZibumba ekuthobekeni, ukuba embathe isimo senyama enesono. Ukhona lapha. Nguyena owanihlengayo. Angebekhona omunye, ndawo, akukho sikhathi angakwenza ngaso.

64 UNkulunkulu wayengenabo abantu abathathu phezulu lapho, futhi Wathuma omunye wabo, iNdodana yaKhe. KwakunguNkulunkulu, qobo lwaKhe, ufika ngesimo seNdodana. Indodana inokuqala, neNdodana yayinokuqala. Lokho, abanye benu bantu abangamaKatolika athandekayo, nginencwadi yenu, *Amaqiniso OKholo Lwethu,* yathi, "Ubudodana bukaNkulunkulu obuPhakade." Uzolizwakalisa kanjani lelogama na? Uzolenza kanjani libe nomqondo ophusile na? Lingaba kanjani ngeliPhakade na? Lelo akusilo iBhayibheli. Leyo yincwadi yenu, "Ubudodana obuPhakade." Aba . . . Lelogama alikho kahle. Ngokuba, noma yini eyindodana yayinokuqala, futhi iPhakade alinakuqala, ngakho akusibo ubudodana obuPhakade. UKristu uba yinyama futhi wakha phakathi kwethu. Wayenokuqala. Kwakungekho–budodana obuPhakade. NgubuNkulunkulu obuPhakade, hhayi ubudodana. Manje, Ufikela ukuzosihlenga, futhi Wasihlenga.

65 Manje, uPawulu, efika lapho, engineqiniso ukuthi ezifundweni ezedlule nikuqondile. Sizokwedlula kukho futhi, ngesinye isikhathi, iNkosi ithanda, nje ivesi ngevesi, manje.

> *Ngakho–ke sine . . . masidlule esifundisweni sokuqala ngoKristu, siqhubekele kokupheleleyo; . . .*

66 Lokho kuyabakhuba. Akubakhubi na? Masenzeni?

> *. . . masiqhubekele kokupheleleyo; singabuyi sibeke* izisekelo . . .

67 Bhekisisani lokhu. Asithole leligama "ukuphelela." Niyazi yini ukuthi iyodwa kuphela indlela eniyokuma ngayo eBukhoneni bukaNkulunkulu na? Lokho nguku, phelela. UNkulunkulu akanakuzibekezelela izinto ezingengcwele.

68 Nani enigcina umthetho ngokweqile: wawungake uziphelelise kanjani, ube ungenayo neyodwa into yokuthi uziphelelise ngayo na? Wazalelwa esonweni. Wona impela umqondo wakho wawusesonweni. Sona impela isifiso sakho sokuba lapha sasiyisono. "Wazalelwa esonweni, wabunjwa ebubini, ufika ezweni ukhuluma amanga." Manje uzoma kuphi na?

69 Lapho wena, soni, o—owathi, "Ngizoyeka ukubhema. Ngizoya eZulwini"? Ukuphi, sivivi, onomqondo wasendulo, obizwa ngomKristu, ohambahamba lapha nobuso obude uthi, ukuthi, "Awu, ngiyasonta"? Wena soni. Kunjalo. Uma ungazalwa ngoMoya kaNkulunkulu, ulahlekile. Lelo yiqiniso.

70 Uzoya kanjani eZulwini na? Uthi, "Angikaze ngiqambe amanga empilweni yami. O, isithandwa esincane. Sa—sasiyiNgelosi nje, kwasekuqaleni." Amanga lawo. Angikhathali ukuthi ulunge kanjani; uyisoni. Futhi awunayo neyodwa into; akukho–mpristi, akukho–mbhishobhi, akukho–khadinali isikhulu sesonto lamaloma , akukho–phapha, nalutho olunye olungakusindisa, ngoba uyisikebhe esifanayo nje okuso nawe. Singena kukho emizuzwini embalwa. Nje esimweni esifanayo ayekuso. Uphapha waseRoma wazalelwa esonweni, wabunjwa esonweni, ufika ezweni ekhuluma amanga, wazalwa ngesifiso socansi sowesilisa nowesifazane. Uzokutholaphi ukulunga kulokho na?

71 "Awu, ubabayi wakhe nomama bazalwa ngendlela efanayo, futhi bazalwa ngendlela efanayo, nogogo wakhe nomkhulu futhi kuhlehle njalo." Yisono, kwasekuqaleni nje!

72 Ngakho ubani ongathi *lokhu* kungcwele na*lokho* kungcwele na? Yinye kuphela into engcwele, lowo nguJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo, Owenziwe waPhelela. Nokudingekayo kwethu kungukuba siphelele. Manje, sizoba kanjani yikho na? Ukuzame, qobo lwakho. Ngingakuzonda ukuzama ukuya eZulwini ngokuzibonga kokuthi, "Ngizalwe emizuzwini embalwa edlule, futhi ngiyaphuma ezweni khona manje." Ngingalahlwa. Uma ngingakaze ngibe nomcabango omubi empilweni yami, uma ngingazange ngikhulume igama elibi empilweni yami, uma ngingakaze ngibuke noma yini embi, ngingakaze ngicabange noma yini embi, kumbe lutho, nje ngibolile futhi ngimnyama njengezindonga ezinomule zasesihogweni. Ngiyisoni.

73 Bengingaphumela ekuphileni futhi ngihlale ngikhiye ngci ekamelweni, futhi njengabanye odade bakaCarmel noma okuthize, futhi ngingaliboni neze izwe, ngihlale phakathi lapho futhi ngikhuleke yonke, impilo yami, ngenze okuhle, ngizalwe ngingusozigididigidi futhi ngiphe abampofu konke enginakho, futhi ngisalokhu ngiyisoni futhi ngiyoya esihogweni. Yebo, mnumzane.

74 Ngingahle ngijoyine ibandla lamaLuthela, iBaptisti, iPentecostal, iPresbyterian, uma ngiseroleni yombhejana, futhi ngihlale ngethembekile kulelobandla kuze kube yiminyaka eyikhulu, nempilo yami iyathathwa, futhi kungekho–muntu abebengangikhomba ngomunwe wabo futhi bathi "Wake waba ngisho nomcabango omubi nje," ngiyoya esihogweni impela nje njengoba ngimi.

75 Ngiyisoni. Lokho kuqinisile. Anginalutho. Akukho–ndlela, nhlobo, bengingathola noma yiliphi—noma yiliphi inani ukuba likhokhwe. UNkulunkulu wayedinga ukufa. Futhi uma nginikela ngempilo yami uqobo, uma nginikela ngempilo yami, manje–ke ngingaphenduka kanjani na? Isizathu, wena... Isikweletu sizofanele sikhokhwe, kuqala. NoNkulunkulu kwakunguYena kuphela owayengabeka ukuphila kwaKhe phansi abuye aKuthathe. Ngakho Wakwazi ukuba yisono, futhi abeke ukuPhila kwaKhe phansi futhi Akuthathe, futhi akubize ngo "bulungiswa," nesikweletu sesikhokhiwe. Nakho lapho okhona.

76 Manje asiphenye kuMathewu, cishe isahluko 8, ngikholwa ukuthi yiso, isahluko 7 noma 8. Sizobona ukuthi uJesu uthini ngapha. Kulungile. NguMathewu, isahluko 5. Ne...UJesu, uyashumayela, eshumayela emibusisweni, ivesi 47.

> *Futhi uma nibingelela abafowenu bodwa, nibadlula abanye ngani na? abenzi...nabezizwe na?* (Bhekisisani.)
>
> Kodwa *manibe–ngabapheleleyo,*...(Ini?)
>
> *Ngakho–ke manibe–ngabapheleleyo, njengokuba uYihlo wasezulwini ephelele.*

Lowo kwakungumyalo kaJesu, "Manibe–njalo."

77 Bathi, "Akukho–muntu ongaphelela, iBhayibheli lasho, 'Akekho ophelele.' Nakho ukuphikisana kwakho." Yikho na? Kulungile.

78 Ungeke waphelela kuwe uqobo. Uma wethembele kulokho okwenzile, ulahlekile. "Ngakho yibani ngabaphelele, ngisho niphelele nje njengoba uNkulunkulu ephelele." Manje:

> *Ngakho–ke manibe–ngabapheleleyo, njengokuba uYihlo...ezulwini ephelele.*

79 "Ngakho–ke..." Manje isahluko 5, isahluko 6 samaHeberu.

> *Ngakho–ke masidlule esifundisweni sokuqala ngoKristu, siqhubekele kokupheleleyo;...*

80 Manje, nina, Tabernakele likaBranham. O, ngiyazi, "Sinokuphilisa." Lokho kuhle kakhulu. "Sinemibono." O, lokho ku—lokho kuhle. Futhi ninamaphupho okomoya, futhi ngezinye izikhathi awasiwo amaphupho okomoya. Futhi—futhi ngezinye izikhathiu... "Thina, sizama ukusiza abampofu. Senza esingakwenza." O, lokho kulungile, kodwa lokho akusikho esikhuluma ngakho manje. Singena komunye umkhakha.

> ...*sidlule*...*sifundisweni*...

81 "O, yebo, sinemfundiso kaKristu. Siyakholwa ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu, uzalwa yintombi. Siyakukholwa lokho, nazo zonke lezizinto." Lokho nje kuhle kakhulu.

82 Kodwa, "Sidlule kulokho, asiqhubekele kokupheleleyo." O, he! Ngifisa sengathi benginephimbo lengelosi enkulu manje, ukuletha lokhu endaweni lapho ebeningakubona khona. Manje uthi, "Masidlule kuyoyonke imfundiso kaKristu," bonke o—ososayense bezenkolo, nayo yonke isayense yezenkolo esiyaziyo, konke ngobuNkulunkulu bukaKristu, ukuthi Waba kanjani nguNkulunkulu owenziwe inyama, zonke lezi ezinye izinto.

83 UPawulu uyaqhubeka ukuba akuchaze konke lapha, emizuzwini embalwa nje. Ake sikufunde nje, kancanyana nje, ngaphambi kokuba singene kukho.

> *Singabuyi sibeke* izisekelo *sokuphenduka emisebenzini efileyo . . .*

Manje, siyakukholwa lokho.

> *. . .nokukholwa kuNkulunkulu,*

Siyakukholwa lokho.

> *Nesifundiso semibhaphathizo, . . .*

Ukuthi nje nifanele nibhaphathizwe kanjani, siyakukholwa lokho.

> *. . .nokubeka izandla,*

Siyakholelwa ekubekeni izandla. Asikholelwa na? Niyabo, konke lokho, impela.

> *. . .nokuvuka kwabafileyo, . . .*

84 Siyakukholwa lokho. Manje bhekisisani. Niyabona lapha, "Ukwahlulelwa," kuyasetshenziswa, "okuPhakade." Lokho kuze kube–phakade. Uma ukwahlulelwa kukhulunywa nguNkulunkulu, ku kuze kube–phakade. Manje–ke, ngeke kusabakhona ukubuyisana emva kokuba ukwahlulelwa sekwedlule. Manje ningaqonda ukuthi kungani uNkulunkulu wadingeka athathe iNdodana yaKhe uQobo—yaKhe uQobo, njengoba besingakubiza sithi, umuthi waKhe uQobo. Ngenkathi Elahla umuntu ngecala ngenxa yokona, indlela kuphela Ayengabuyisana ngayo, kwakungukuthatha indawo yomuntu qobo lwaKhe. Yileyondlela kuphela angabuyisana ngayo, noma angabuyisana ngayo nathi, kwakungukuthatha indawo yethu futhi abe yisoni. UNkulunkulu, uJehova, waba yisoni, futhi Wanikela ngempilo yaKhe.

85 Manje, ubunganikela ngempilo yakho, njengesoni, ukufela isizathu. UPawulu wathi, "Noma nginikela umzimba wami ukuba ushiswe njengomhlatshelo, ngisalokhu ngingento yalutho," ngoba ngeke kusebenze. Niyabo, uma ufa, awusekho. Ufa njengesoni, ulahlekile.

86 "Kodwa uNkulunkulu wehla enyameni, wayeselahla isono enyameni, ngokwenziwa inyama enesono." Ngoba, WayenguNkulunkulu oPhakade, futhi wavusa umzimba waKhe uqobo, ngakho Ungumlungisisi.

87 Manje, zonke lezizinto, "Masiqhubekele ekupheleleni," kwasho uPawulu. Manje ini na?

> *. . .kwahlulelwa okuphakade.*
>
> *. . .siyakukwenza lokhu, . . .uNkulunkulu evuma. (Ivesi 3.)*

88 Manje, "Siqhubekele ekupheleleni." UJesu wathi, "Ngakho–ke manibe ngabapheleleyo, njengokuba uYihlo waseZulwini ephelele."

Futhi thina, sonke, silahlwe ngecala. Akunandaba ukuthi sike senzeni, silahlwa ngecala. Sazalwa, salahlwa ngecala. Umama wakho nobabayi wazalwa, elahlwe ngecala. Nina, bonke okhokho benu, wazalelwa esonweni, wabunjwa ebubini. Ngakho uyoke ukuthole kanjani na? Uzophelela kanjani na? Uma ungazange wenze–nto, ungazange webe, ungazange uqambe amanga, ungazange wenze noma yini empilweni yakho, usalokhu ulahlwe ngecala.Walahlwa ngecala ungakaphefumuli umoya wakho wokuqala. Walahlwa ngecala. Lokho kuyikho. Futhi wehlulelwa nguNkulunkulu ungakaphefumuli umoya wakho wokuqala. Ngokuba wehlulelwa, ngesifiso socansi sikayihlo nonyoko okwathi bona, ngesenzo sabo, bakuletha lapha emhlabeni. Futhi uNkulunkulu khona wakulahla ngecala, ekuqaleni. Ulahlwa ngecala, kwasekuqaleni nje. Ngakho lapho o. . .Futhi wonke omunye umuntu emhlabeni walahlwa ngecala nawe. Manje nizokutholaphi ukuphelela na?

89 Bhekisisisani. Asiphenye umzuzwana nje kumaHeberu, isahluko 10. Lalelisisani. Ngifuna ukufunda kancanyana esahlukweni 9, kuqala, ivesi 11.

> *Kepha lokhu uKristu engumpristi omkhulu wezinto ezinhle ezizayo, wadabula itabernakele elikhulu neliphelele kunalelo,* itabernakele *lakhe* uqobo inyama yakhe, . . .

90 Niyabo, itabernakele elidala, niyaqaphela, itabernakele elidala lalineveyili kulo, elalifihle umphongolo lapho uNkulunkulu ayehlala khona. Bangaki okwaziyo lokho na? Impela. Awu, lelotabernakele elidala elenziwa ngumuntu lapha, amakhethini enziwe ngezikhumba zezimbuzi ezidayiwe, kanjalonjalo, enziwa itabernakele ukufihla uBukhona bukaNkulunkulu. Bangaki owaziyo ukuthi ngumuntu oyedwa kuphela owayekwazi ukungena lapho kanye ngonyaka na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela. Lowo kwakunguAroni, engena kanye ngonyaka. Futhi ufanele agcotshwe. Futhi—futhi, o, okudingekayo! Futhi ufanele abe nomlilo esandleni sakhe; futhi uma wayehambe ngaphandle kwalokho, wayefa masinya nje angaphenya leloveyili. Wayeshayeka phansi afe. Ufanele ayongena lapho bese okhela lezizinti zezibani, bese efafaza isihlalo somusa esasibizela ngaphandle, igazi

lokufa, okubambisayo kube njalo, kwaze kwafika uKristu ukukugcwalisa.

91 Manje, kodwa, uNkulunkulu–ke wayeseba kolunye uhlobo lwetabernakele. Nalelotabernakele lalingubani na? UJesu. NoNkulunkulu wayephakathi kuJesu, futhi Wayecashile, kodwa Wayenza ukuba izwe libuyisane naYe, ngokuzizwakalisa kwaKhe. UKristu wembula uNkulunkulu. Wathi, "AkusiMina owenza imisebenzi. NguBaba waMi ohlala kiMi. Angenzi lutho ngokwaMi kodwa lokho eNgibona uBaba ekwenza. UBaba ekiMi, eNgikhombisa lemibono, bese–ke Ngiyahamba ngenze nje lokho uBaba aNgitshele ukuba ngikwenze." Niyakuthola na? UNkulunkulu wayengaphakathi emzimbeni womuntu, hhayi emva kwezikhumba zezimbuzi ezidayiwe, kodwa wawuphila, futhi unyakaza. UNkulunkulu wayenezandla; uNkulunkulu wayenezinyawo; uNkulunkulu wayenolimi; uNkulunkulu wayenamehlo; futhi kwakunguKristu. Nango Wayelapho.

92 Manje, Wasuka wahamba, noMoya ungena kulokho, ukuze ngokufa kwaKhe Akwazi ukuphelelisa iBandla futhi alethe iBandla ekuthobeleni. Kwase kuthi–ke uMoya ofanayo owawukuKristu useBandleni, wenza izinto ezifanayo uKristu azenzayo. "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona; nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe."

93 Manje lalelani lokhu.

> *Kepha lokhu uKristu eba ngumpristi omkhulu wezinto ezinhle ezizayo, wadabula itabernakele elikhulu neliphelele kunalelo, elingenziwanga ngezandla, okungukuthi, elingesilo lalokhu ukudalwa;*

Akenziwanga ngezandla. Wazalwa kanjani na? Ukuzalwa yintombi.

> *Kangenanga ngegazi lezimbuzi nelamathole,* ngabe lomzimba wake wahlabela noma wangcweliswa*, kepha ngegazi lakhe . . .*

94 Niyazi ukuthi igazi livela ebulilini besilisa. Kwase kuthi–ke omunye wayesethi, "O, uJesu wayeyiJuda." Wayengesilo iJuda. "O, sisindiswa yigazi leJuda." Qhabo, asinjalo. Ukuba sasindiswa yigazi leJuda, sisalokhu silahlekile.

UJesu wayengesilo iJuda, kanjalo Wayengesuye oweZizwe. WayenguNkulunkulu: uNkulunkulu uYise, uMoya, Ongabonwayo. "Akukho–muntu oke wabona uNkulunkulu noma nini, kepha kuphela ozelwe nguBaba uMbonakalisile." Wabonakalisa uNkulunkulu, ukuthi uNkulunkulu wayeyini.

95 Manje iBandla laKhe lifanele libonakalise uNkulunkulu, ukukhombisa ukuthi uNkulunkulu uyini. Niyabo?

Senzani na? Siyazihlela, futhi, "Angihlangene ngalutho na*bo*. BayiMethodisti. BayiPresbyterian.

Angifuni kuzihlanganisa ngalutho na*bo*. NgiyiBaptisti. NgiyiPentecostal." He! Ulahlekile, nalezo uhlobo lwezinjongo. Kunjalo.

96 Ubani ongakhuluma ngokuqhosha na? Ubani ongasho noma yini na? Bukani ihlazo iPresbyterian elilethile. Bukani ihlazo, amaBaptisti. Bukani ihlazo, iKatolika. Bukani ihlazo, amaPentecostal, amaNazaretha, iPilgrim Holiness. Babukeni bonke.

Kodwa, nginiphosela inselelo ukuba nikhombe isandla esisodwa, ehlazweni, kuLokho. Ya. Khombani ngomunwe owodwa, ngenkathi uNkulunkulu uSomandla ethi, "Lo uyiNdodana yami eNgithokozile ukuhlala kuyo. Yizweni." Nanso. Lowo Ngopheleleyo.

97 Manje, asifunde nje siqhubekele phambidlana lapha manje.

> *Kangenanga ngegazi lezimbuzi. . .lamathole, kepha ngegazi lakhe wangena kanye kuphela endaweni engcwele, wa. . .zuzela ukuhlengwa okuphakade. . .* (Niyakuthola na?) *si. . .ukuhlengwa okuphakade.*

98 Hhayi ukuhlengwa namhlanje, bese kuthi–ke, ngeviki elizayo uma sekuqala imvuselelo, sihlengwe futhi, bese kuthi–ke, o, siyahlubuka bese siyahlengwa futhi. Nihlengwa kanye, kuze kube–phakade. Kunjalo. Awubuye uhlengwe, uhlengwe, uhlengwe. "Ukuhlengwa okuPhakade!" "Ozwa amaZwi aMi futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade, futhi akasayikuya ekwahlulelweni, kodwa use," inkathi edlule, "dlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Ngoba uqhaqhazelile na? Ngoba wabhaphathizwa ngendlela ethize na? Ngoba wayenegazi esandleni sakhe na? "Ngoba ukholwe eNdodaneni kaNkulunkulu ezelwe yodwa." Sinakho kanjalo–ke ukuhlengwa okuPhakade.

99 Lalelani manje.

> *Ngokuba. . .igazi lezinkunzi nelezimbuzi, nomlotha* wezithole kufafaze a—a. . .fafaza *abangcolileyo, kuhlambulula kube–ngukuhlanzeka kwenyama:*
>
> *Kakhulu kangakanani igazi likaKristu, owazinikela kuNkulunkulu ngoMoya ophakade engenacala,* lahlanza *unembeza* wethu *emisebenzini efileyo ukuze sikhonze uNkulunkulu ophilayo?*

100 "Wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Ukhathazwa yini ukuthi izwe licabangani na? Ukhathazwa yini ukuthi umakhelwane ucabangani na? Unembeza wethu ufile, futhi siphind'ukuzalwa futhi sizalwa ngokusha nguMoya kaNkulunkulu, ukukhonza uNkulunkulu oqinisileyo nophilayo. Nakho lapho okhona.

101 Manje asithi qatha ngale evesini 10. . .isahluko 10, njalo, ngaphesheya kwekhasi ngqo.

> . . .*umthetho unesithunzi sezinto ezinhle ezizayo, ungesiwo umfanekiso wazo uqobo, ungeze waba–namandla ngemihlatshelo enikelwa njalonjalo iminyaka ngeminyaka ukubenza* bap–h–e–l–e–l–i–s–w–e labo osondelayo.

Ukup–h–e–l–e–l–a, kulapho, "Ukuphelela."

> . . .*masidlule esifundisweni sokuqala ngoKristu, siqhubekele kokupheleleyo;* . . .

> *Ngakho–ke manibe–ngabapheleleyo, njengokuba uYihlo . . .sezulwini ephelele.*

102 "Umthetho unesithunzi sezinto ezinhle ezizayo," zonke izimiso nemibhaphathizo ne . . . zonke ezinye izinto ababenazo, "zazingeke neze zenze umkhonzi aphelele." Futhi, nokho, uNkulunkulu udinga "okuphelele."

103 Ujoyina ibandla lamaNazaretha, akusoze kwakwenza uphelele. Ujoyina ibandla lamaBaptisti, iPentecostal, noma ngabe yini, akusoze kwakwenza uphelele. Wena ungelungile, indoda ethembekile, akusoze kwakwenza uphelele. Ungeke wafanele ubongwe nangeyodwa into. Akukho lutho ngawe, olufanele ukubongwa. Ulahlekile. Wena uthi, "Awu, ngagcina umthetho. Ngigcina isabatha. Ngigcina *lokhu,* zonke izimiso zikaNkulunkulu. Ngenza *lokhu.*"

104 UPawulu wathi, "Masibeke eceleni zonke lezozinto manje."

105 "Lokho kulungile, kodwa sizokwenza *lokhu*. Sizobhaphathiza abantu, futhi sizobeka izandla phezu kwabo ukuba baphiliswe kanjalonjalo."

106 Besingakuthatha, ivesi ngevesi, ngazinye zalezozinto. UmBhaphathizo, siyawukholwa. "Linye ithemba, yinye iNkosi, yinye iNkolo, munye umBhaphathizo." Siyakholwa ukuthi ukhona umbhaphathizo. Siyakholelwa ekuvukeni kwabafileyo. Ngoqobo. Siyakholwa ukuthi uJesu wafa wabuye wavuka futhi. Siyakukholwa lokho. "Ukubeka izandla, kwabagulayo," yilokho okwakushoyo. "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda." Siyakukholwa lokho.

Kodwa kuyini lokho na? UPawulu wathi, "Konke kuyimisebenzi efileyo." Kuyinto eyenziwa nguwe.

107 "Manje asiqhubekele kokupheleleyo." O, he! Sizongena eTabernakele, hhayi isisekelo; iTabernakele, iTabernakele uqobo Lwalo. Leso yisisekelo: umthetho, nokulunga, no—no—no—nokujoyina ibandla, nokubhaphathizwa, no—nokubeka izandla. Lokho yizimiselo zebandla.

"Kodwa manje asiqhubekele kokupheleleyo." Futhi Munye kuphela ophelelisiweyo, lowo nguJesu.

108 Singena kanjani kuYe na? "NgamaMethodisti na?" Qhabo. "IPentecostal na?" Qhabo. "IBaptisti na?" Qhabo. "Noma ngaliphi iBandla na?" Qhabo. "IRoma eliKatolika na?" Qhabo.

109 Singena kanjani kuWo na? KwabaseRoma 8:1.

> *Kanjalo akusekho ukulahlwa kwabakuKristu . . . bengahambi ngokwe*zinto zezwe, *ngokwenyama, behamba ngokwe*zinto *zokoMoya,* abanganaki ukuthi izwe lizothini.

110 Ngisho noma ngabe uyagula, udokotela uthi, "Uzofa," awukunaki, akukukhathazi nakancu.

111 Uma bekutshela, "Uzofanele ube yiKatolika ngaphambi kokuba usindiswe, noma iPresbyterian, noma uzodingeka wenze *lokhu*," awukunaki.

"Ngakho akusekho ukulahlwa kwabakuKristu Jesu, abangahambi ngokwenyama, izinto abazibonayo." Yonke into oyibona ngamehlo akho ingeyomhlaba.

112 Kodwa yizinto ozibona emoyeni wakho, ngeZwi! IZwi liyisibuko sokubuka sikaNkulunkulu esibonisa lokho Ayikho nalokho wena oyikho. Haleluya! O, he! Liyakutshela. Lena yiyonaNcwadi kuphela ezweni ekutshela ukuthi uvelaphi, ungubani, nokuthi uyaphi. Ngikhombise noma yiliphi ikhasi lencwadi efundwayo, nomaphi, nayo yonke isayense kumbe noma yini enye, yonke incwadi enhle ebhaliwe, akukho nayinye yayo engakutshela lokho. *Lesi* yisibuko sokubuka sikaNkulunkulu, esikhombisa ukuthi Uyini nokuthi wena uyini. Manje–ke, phakathi kwalapho ngulayini weGazi, elikhombisa ukuthi ungaba yini uma ufuna ukwenza ukukhetha. Nakho lapho okhona.

113 "NgaMoya munye," manje, kwabaseKorinte bokuQala 12. Singena kanjani kulowoMzimba na?

"Ngokuxhawulana na?" Qhabo, mnumzane. "Ngokujoyina ibandla na?" Qhabo, mnumzane. "Ngokubhaphathizwa sibheke phezulu , phambili na? Egameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele na? IGama likaJesu Kristu na? Igama leNtebe yaseSharoni, uMnduze wesiGodi, iNkanyezi yoKusa na? Noma yini oyifunayo na?"

Lokho akuhlangene ngalutho nakho. "Impendulo nje kanembeza omuhle kuNkulunkulu." Futhi nokho siyaqophisana, futhi sikhathazeke, futhi siphikisane, futhi sehlukane, futhi senze imehluko. Kunjalo. "Kodwa konke lokho yimisebenzi efile." Siqhubekela kokupheleleyo.

114 Yileyonto engiyenzile. Umfundisi wakubhaphathiza. Noma ngabe wakubhaphathiza ubuso bubheke phambili, bubheke phezulu, noma kathathu, kane, noma kanye, noma ukuthi wakwenza kanjani, lokho akuhlangene naLo. Ubhaphathizelwa enhlanganyelweni yalelobandla, noma

kanjani, efakaza kulelobandla: ukholwa ukufa, ukumbelwa, nokuvuka kukaKristu. Ukubeka izandla, ukuphilisa abagulayo, lokho kuhle, kodwa, konke kungokwemvelo, nalowomzimba uyobuye ufe njengoba impela nje uphila. Uyofa futhi. "Manje asibeke eceleni zonke lezozinto, futhi siqhubekele kokupheleleyo."

115 Singena kanjani ekupheleleni na? Yilokho esifuna ukukwazi.

. . . uKristu *uphelelise* . . .

"UNkulunkulu wabeka phezu kwaYo ububi bethu sonke. Yalinyazwa ngeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu, isijeziso sokuthula kwethu siphezu kwaYo, ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." YilowoMzimba esifuna ukufinyelela kuwo. YilowoMzimba. Ngani na? Uma ukulowoMzimba, awusoze wakubona ukwahlulelwa, awusoze wakuzwa ukufa. Ukhululekile kukho konke ukufa, ukwahlulelwa, isono, nayo yonke into, uma ukulowoMzimba.

116 "Ungena kanjani kuWo, mshumayeli na? Ngokujoyina lelitabernakele na?" Ulahlekile, namanje. Ubungeke ujoyine, noma kanjani; asinancwadi. "Singena kanjani kuWo na? Ngokujoyina elinye ibandla na?" Qhabo, mnumzane. "Ungena kanjani kuWo na?" Uyazalwa kuWo.

117 KwabaseKorinte bokuQala 12.

*Ngokuba ngaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe–mzimba munye, . . .*

118 Ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, sibhaphathizelwe kulowoMzimba, futhi sikhululekile esonweni. UNkulunkulu akasakuboni; Ubona kuphela uKristu. Futhi uma ukulowoMzimba, uNkulunkulu akakwazi ukwehlulela lowoMzimba. Usevele uWahlulele. Wathatha izahlulelo zethu futhi wasimema ukuba singene. Futhi ngokukholwa, ngomusa, siyangena, semukele ukuxolelwa kwethu. NoMoya oNgcwele usiletha usingenise kulenhlanganyelo naYe. "Futhi asisahambi ngezinto zezwe, kodwa sihamba eMoyeni."

Liphilisiwe, iZwi lafika kithi. Wafa esikhundleni sami. Ngenziwe ngaphila. Ngilapha, owayefile esonweni naseziphambekweni, ngenziwe ngaphila. Zonke izifiso zami ngukuMkhonza. Lonke uthando lwami luya kuYe. Yonke imihambo yami ifuna ukuba seGameni laKhe. Noma ngabe ngiyaphi, noma ngabe ngenzani, ngiyaMkhazimulisa. Uma ngizingela, uma ngidoba, uma ngidlala ibhola, futhi noma ngabe ngenzani, ngifanele ngibe, "uKristu ukimi," empilweni enjengaleyo, okuzokwenza amadoda alangazelele ukuba abe ngaleyondlela; hhayi ukuncetheza, ukuhleba, nokuqophisana ngamabandla enu. Niyakuthola na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

"NgaMoya munye thina sibhaphathizwe kulowoMzimba." "Futhi uma Ngibona iGazi, Ngodlula kini."

119 Lalelani. Asifunde nje siqhubekele phambidlana lapha, ngiyacela.

> . . . okwakungeke neze *kwenza* osondelayo *aphelele*.

Okwevesi 2, isahluko 10.

> *Uma kwakunjalo nga ingayekwanga ukunikelwa na?*

120 Uma lokho kwakungenza umuntu aphelele . . . Futhi uNkulunkulu udinga ukuphelela. Uma ukugcina imiyalo, uma ukwenza yonke imiyalo, kwakungakwenza uphelele, manje–ke akukho—akukho sidingo sokuba nanoma yini enye; usuvele wenziwe waphelela. Isizathu, uma uphelele, uPhakade. Isizathu, uNkulunkulu nguyena kuphela oPhakade, noNkulunkulu nguyena kuphela ophelele. Nendlela kuphela ongaba Phakade ngayo, ngukuba yingxenye kaNkulunkulu. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

> . . . *sebehlanjululwe kanye babengayikuba–novalo ngeso*no.

Ini? "Okhonzayo esehlanjululwe kanye, ukuba angabe esabanalo *uvalo* . . . " Uma ubhala ukuhunyushwa kwalokho, yisi "fiso."

> . . . okhonzayo *sebehlanjululwe kanye* . . . *akanaso* isifiso *ngeso*no.

> . . . *uma* okhonzayo *wahlanjululwe kanye* . . .

121 Wena uyenyuka manje bese uthi, "O, haleluya, ngisindiswe izolo ebusuku. Kodwa, awu, akabusiswe uNkulunkulu, *i*ngenze ngahlubuka. Haleluya, ngoluny'usuku ngiyosindiswa futhi." Wena ongafundile ndini ongaqeqeshekile. Leyo akusiyo ndlela okuyiyo.

122 "Okhonzayo esehlanjululwe kanye akasenalo uvalo ngesono," iBhayibheli lasho. Lalelani, njengoba sifunda siqhubeka, umzuzu nje.

> *Kodwa kuleyomihlatshelo* . . . njengokukhunjulwa kwesono unyaka nonyaka.

123 Manje sizokwehla, ukuba sishaye cishe ivesi 8, ukonga isikhathi, nalapho engifuna ukufinyelela khona.

> *Eseshilo–ke ukuthi, Imihlatshelo ne*minikelo *neminikelo yokushiswa* . . . *ngenxa yesono awuyithandanga, awuyithokozelanga; eyiyona ilethwa ngokomthetho;*

124 Ivesi 9.

> *Ubuye wathi, Bheka, ngiyeza ukwenza intando yakho, O Nkulunkulu. Ususa o* . . . *thatha* . . . *Ususa okokuqala,* umthetho, *ukuze amise okwesibili.*

125 Ngifisa sengathi besinesikhathi sokuhlala kulokho. Inqobo nje uma uyiPresbyterian, noma iPentecostal, noma iBaptisti, noma iMethodisti, Angenze lutho neze ngawe. Uzofanele akususe lokho konke, kuqala, niyabo, ukuze Amise okwesibli. Inqobo nje uma uthi, "Awu, ngiyiMethodisti." A, akukho okumelene namaMethodisti, noma amaBaptisti, noma iPentecostal. Kodwa, mfowethu, lokho aku—lokho akukubikezeli. Uzofanele uqhubekele kokupheleleyo, lokho ngukuthi kuKristu.

126 Bhekisisani lokhu manje, umzuzu nje.

*Ngaleyo . . .singcwelisiwe ngokunikelwa komzimba kaJesu Kristu kanye kuphela.*

127 Hhe? Asifunde nje phambidlana nje, futhi sibambe lokho. Lokho akuzike sisafunda, "Kanye kuphela."

*Abapristi bonke kambe bemi bekhonza imihla ngemihla benikela kaningi ngayona* loyomhlatshelo*, engasoze yaba namandla okususa i*sono:

*Kepha lomuntu, . . .*

Senilungele na? Seniyivulile ivesti yenu manje, khona kungezukuthubeleza, kuzoqonda ngqo enhliziyweni? "Kepha loMuntu." Muntu muni na? Hhayi uphapha waseRoma, hhayi umbhishobhi webandla leMethodisti, kumbe noma yiliphi elinye ibandla.

*Kepha lomuntu,* uKristu, *esenikele ngomhlatshelo waba-munye ngenxa ye*sono *kuze kube–phakade, wahlala ngakwesokunene sikaNkulunkulu;*

*Usalindele izitha zakhe zize zenziwe isenabelo sezinyawo zakhe.*

Bhekisisani. Nangu eza.

*Ngokuba nga*kunikela *kunye* up–h–e–l–e–l–i–se, *uphelelise . . .*

"Kuze kube yimvuselelo elandelayo"? Bekungathini lokho na?

*. . .uphelelise njalonjalo labo abangcwelisiweyo.*

Niyakuthola na? "Asiqhubekele kokupheleleyo."

128 Manje ninabantu bobungcwele nithi, "O, ya, siyakholelwa ebungcweleni. Haleluya! Siyakholelwa ekungcwelisweni." Kodwa uthatha okungokwakho. Uvele nje uyeke *lokhu* futhi uyeke *lokho*. Uyazi awufanele ukwenze.

Ngaphandle uma uKristu evule umnyango wase ewuphilisela enhliziyweni yakho, bese uba yindawo lapho isono sife khona, nesifiso, sekuhambe konke. Manje–ke, Ususa ukuzenzisa kwakho uqobo, Angazimisa Yena kuwe. "Futhi nguKristu, iNdodana kaNkulunkulu, kuwe, ithemba leNkazimulo."

. . . *asiqhubekele kokupheleleyo;*

129 Singaphelela kanjani na? Ngokufa kukaKristu. Hhayi ngokujoyina ibandla. Hhayi ngemisebenzi yethu emihle, esiyenzayo. Konke lokho kulungile. Hhayi ngoba sabhaphathizwa nga*le*ndlela noma *leyo*ndlela. Hhayi ngenxa yokuthi siphilisiwe, ngokubeka izandla. Hhayi ngenxa yanoma yiyiphi yalezi ezinye izinto, "Siyakholelwa ekufeni, ukumbelwa, nokuvuka."

130 UPawulu wathi, "Bengingakhuluma ngolimi njengabantu neziNgelosi," lokho yikho kokubili izilimi oluqondwayo nezilimi ezingenakuqondwa, kuzofanele kuhunyushwe, "Anginto yalutho. Noma nginesiphiwo sokwazi futhi ngiqonda konke ukuhlakanipha kukaNkulunkulu," ngingachaza iBhayibheli, kusukela . . . ngilibophele ndawonye, "Anginto yalutho." Akusizi kakhulu ukuya esikoleni–ke, kuyasiza yini, ukufunda iBhayibheli na? "Noma nginokukholwa ukuthi ngingagudluza izintaba . . . " Imikhankaso yokuphilisa ayisho lutho kakhulu–ke, kuyasho na? "Anginto yalutho, noma nginikela ngomzimba wami ukuba ushiswe njengomhlatshelo."

131 "O," bathi, "leyondoda iyakholwa."

132 "Kodwa ayiyinto yalutho," uPawulu wathi, "akubinto yalutho neze."

133 "Ngokuba noma kuyizilimi, kuyakunqamuka; noma kuyiziprofetho, kuyakukhawuka; noma kuyizo zonke lezi ezinye izinto, ziyakukhawuka. Kepha nxa sekufikile okupheleleyo, lokho okuyingxene kuyakukhawuka." Niyabo, lokho "okupheleleyo." Yini okupheleleyo na? Uthando. Yini uthando na? UNkulunkulu. "Masibeke eceleni yonke lemisebenzi efile emincane nesimiso, futhi siqhubekele kokupheleleyo." Niyakubona na? Siphelelisswa ngoKristu. Singena kanjani kuKho na? Ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele.

134 "Kulungile, kwenzekani na?" Sewedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.

135 "Awu, ngiyaqhaqhazela yini, ngigxume, ngikwenze na?" Wena, awuzukudingeka wenze lutho. Usuvele ukwenzile, uNkulunkulu wakuletha usuka ekufeni wangena ekuPhileni, futhi uyaphila. Khona–ke izithelo zakho zempilo yakho ziyakukhombisa.

136 Inqwaba yenu maMethodisti namaNazaretha yamemeza ngakho konke nje ukumemeza eningakwenza, neba uhlamvu epheshini lendoda, kunjalo, nenze yonke nto ebingaba khona.

137 Inqwaba yenu maPentecostal yakhuluma ngezilimi, njengokuthela uphizi esikhumbeni senkomazi, impela, naphuma ngqo nase nibaleka nomkamunye umuntu, nenza zonke izinhlobo zezinto. Akusikho Lokho, mfowethu.

138 Ungazami ukuba nayiliphi idlingozi kumbe noma yini ukuba ithathe indawo kaMoya oNgcwele. Uma ukuZalwa okusha sekufikile, uyaguqulwa. Awudingi kwenza noma yini ukuba ukufakazise. Impilo yakho iyakufakazisa, lapho uhamba. Uwuthando, ukuthula, ukubekezela, ububele, ubumnene, ukukhuthazela. Yilokho oyikho, nezwe lonke libona ukuboniswa kukaJesu Kristu kuwe.

139 Manje, ukukhuluma ngezilimi, ukumemeza phakathi lapho, lokho nje yizingxenye ezingahlukaniseki ezilandela loluhlobo lokuPhila.

Futhi ningathatha, nizifanise lezizingxenye ezingehlukaniseki, futhi ningabi nakho neze lokho kuPhila. Siyakubona. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisile na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela, niyazi. Ngempela, impela niyazi. He! Nikubona konke ngakini.

140 Ngakho, ayikho into ongathi ingubufakazi obubonakalayo bukaMoya oNgcwele, ngaphandle uma kuyimpilo yakho oyiphilayo. Manje, uma ufuna ukukhuluma ngezilimi, lokho kulunge ngokupheleleyo uma uphila impilo ukukwesekela. Kunjalo. Futhi uma ufuna ukumemeza, kuhle, lokho kuhle. Ngiyamemeza, nami, ngijabula kakhulu ngezinye izikhathi kubel'khuni nokufaka ipheya lezicathulo; kuthi angigxume ngiphume kuzo. Nalokho kuhle kakhulu. Ngiyakukholwa.

141 Ngiyibonile imibono, nabagulayo bephiliswa, abafileyo bevuswa. Ngenkathi belele phandle lapho nodokotela basuke bahambe futhi bathi, "Sebephelile futhi abasekho," balale lapho amahora athi awabe mabili; noMoya oNgcwele wehle ngqo futhi ubonise umbono, wehlele lapho futhi uvuse lowomuntu. Ngibabonile labo abayizithulu, abangezwa, nabayizimpumputhe, nabakhubazekile, behamba. Lokho aku . . . Lokho yizingxenye nje.

142 Mfowethu, kudala, ngaphambi kokuba izwe lize libe nesisekelo kulo; uNkulunkulu ngomusa waKhe waPhakade, Wabuka phansi, futhi ngokwaziphambili Ukubonile wena nami. Wayazi ukuthi yimuphi unyaka esasizophila kuwo. Wayazi ukuthi sasizoba yini. Ngakho–ke, ngokhetho, Wasikhetha ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ukuba sibe naYe singenabala.

143 Manje, uma Asikhetha ngaphambi kokusekelwa kwezwe ukuba sibe kuYe singenabala, futhi sizalwe sinamabalabala onke, futhi akukho okunye okunga . . . akukho okungasihlanza, sizoba kanjani singena . . . sizoba kanjani singenabala na? "Wathuma iNdodana yaKhe ezelwe yodwa, ukuthi yilowo nalowo okholwa yiYo angabi nakho ukuphela kokuphila, kodwa abe nokuPhila okuPhakade; angabhubhi neze, kodwa abe nokuPhila okuPhakade." Bese kuthi uma singena kuYe, ngokukholwa, ngomusa sisindisiwe, ngoMoya oNgcwele ubiza kithi.

144 Ungakabikho umzimba kulomhlaba, imizimba yenu yayilele lapha. Wenziwe ngesakhimzimba ikhalsiyamu, isakhimzimba ipotashi, umswakama, ukukhanya—ukukhanya kwezulu nomhlaba, nezakhimzimba opetroliyamu, kanjalonjalo, imisuka eyishumi nesithupha. Futhi uMoya oNgcwele uqala ukufukama phezu komhlaba, "uqomisa." Futhi lapho Wenza, into yokuqala niyazi, nakhu kuphuma imbali encane yePhasika. Wayesefukamela kuphuma utshani, nezinyoni ezithize, futhi emva kwesikhashana, kuvela owesilisa.

145 Manje, Akazange enze owesifazane ngothuli lomhlabathi. Usevele ungowesilisa, kwasekuqaleni; owesilisa nowesifazane bamunye. Ngakho Wathatha ohlangothini luka–Adamu, ubambo, wayesenza owesifazane, umsizi kuye. Kwase–ke kungena isono. Kwase kuthi emva kokuba sekungene esono . . .

146 UNkulunkulu akayikuhlulwa, akunandaba ukuthi kwenzekani. Akasoze ehlulwa. Manje–ke, abesifazane baqala ukuletha abesilisa emhlabeni. Futhi uNkulunkulu, ngomusa waPhakade, ubonile ukuthi ubani owayezosindiswa, Wayesekubiza. "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engambizi, kuqala." "Akuyi ngothandayo, noma ogijimayo, kodwa kuya ngokuhawukela kukaNkulunkulu."

147 Wena uthi, "Awu, ngafuna uNkulunkulu. Ngafuna uNkulunkulu." Qhabo, awuzange. UNkulunkulu wafuna wena. Yileyondlela okwaba ngayo ekuqaleni.

148 Kwakungesuye uAdamu othi, "O Baba, Baba, ngonile. Ukuphi na?"

149 KwakunguBaba ethi, "O Adamu, Adamu, uphi na?" Leyo yimvelo yomuntu. Lobo ubunzima bomuntu. Wenziwe ngalokho–ke.

150 "Futhi akekho ongeza kiMi uma uBaba engamdonsi. Nakho konke uBaba aNgipha khona . . ." Haleluya! "Wonke lowo ozayo, Ngiyobapha ukuPhila okuPhakade, futhi Ngiyakumvusa ngomuhla wokuphela." Esibusiswe kanje pho, isithembiso esibusiswe kanje pho, sikaNkulunkulu weZulu! Lapho esifika khona kulobubusuku, lapho, "Wazifunga Yena." Akekho omkhulu. Uthatha isifungo ngomunye omkhulu kunawe. Akekho omkhulu, ngakho uNkulunkulu wathatha isifungo kuYe uqobo. Singena kuso, ukuthi Wakwenza kanjani nokuthi Wakwenza nini; wayesethatha isifungo kuYe uqobo, ukuthi Wayezosivusa futhi asenze sibe yifa laKhe uqobo.

151 O, singama siphelele futhi siqine kanjani nje, kulokhu ukusa! Ukuthi ungabuka kanjani, uma ukufa kukugqolozela ebusweni ngqo, ubungasho njengoPawulu, "Kufa, luphi udosi lwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? Kepha makabongwe uNkulunkulu, Osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu." Nakho lapho okhona. Ngani?

152 "O, wenza *ukuthi–no–kuthi*."

153 "Ngiyakwazi, kodwa ngimbozwe ngeGazi laKhe." Haleluya!

154 "NgaMoya munye, thina sonke sibhaphathizwe sibe–Mzimba munye." Nina amaMethodisti, amaBaptisti, amaPresbyterian, noma ngabe niyini, sabhaphathizwa sibe–Mzimba munye. Sinenhlanganyelo, futhi siyizakhamizi zoMbuso kaNkulunkulu, sizisho, ukuthi, "Asisibo abalelizwe."

155 Intombazanyana yami iyafika, ngoluny'usuku, yathi, "Babo, lentombazanyana yenze *ukuthi–no–kuthi*. Futhi benze *ukuthi–no–kuthi*. Siye ngale endlini. Benze *ukuthi–no–kuthi*." Ngathi . . . Yathi, "Asikwenzanga ngani thina na?"

156 Ngathi, "S'thandwa, asisibo abalelozwe. Baphila ezweni ngesingabo."

157 Yathi, "Asihambi yini sonke emhlabathini ofanayo."

158 Ngathi, "Bangabezwe, s'thandwa. Asisibo abalabobantu."

159 IBhayibheli lathi, "Phumani kubo, nizahlukanise," usho uNkulunkulu. Niyabo, anisibo abalokho. Futhi uma leyoMvelo entsha ingena kuwe, awudingi kudonswa ukhishwe. Awufuni ukubuyela emuva, njengomkaLoti. Uyazalwa nje, kukho. Futhi ukwelinye izinga lendawo. Nalokho kubukeka kuyimfungumfungu kuwe.

Futhi lena, enkulu, iMelika engakholakali esiphila kuyo, isiphenduke enkulu inxushunxushu eyodwa yakho. Yonke into yinkanuko nje nabesifazane. Nabesifazane indlela abagqoka ngayo, abesilisa indlela abenza ngayo, ne—nezinto abazenzayo, bese–ke bezibiza nga "maKristu."

160 Isibonelo nje, loElvis Presley, uyahamba futhi ajoyine ibandla lePentecostal manje. Kusobala, yilapho uJuda athola khona izinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu. UElvis unoxhaxha lwezimoto oKadilake, na—namadola ayizigidi ezimbalwa, ngokuthengisa ngobuzibulo bakhe. UArthur Godfrey. Bukani lokho.

161 Bukani ngapha kuJimmy Osborne eLouisville, phandle lapho nalowodum–dum omdala, umculo wokuzibinya irokhenrol, umbhedo omdala nokungcola. Futhi ngeSonto ekuseni, athathe iBhayibheli futhi ame emsamo futhi ashumayele. Ihlazo elinje pho!

Akumangalisi iBhayibheli lathi, "Onke amatafula agcwele ubuhlanzo." Ngani, siphila osukwini olwesabekayo!

162 Nabantu bathi, "O, bakholwa impela." O! Anazi yini ukuthi uDeveli uyakholwa na? Anazi yini ukuthi uKayini wayekholwa nje njengoba uAbela wayenjalo na? Kodwa, wayengenaso iSambulo. Yilokho-ke. Wayengenaso iSambulo.

Ya, sonke siyaya ebandleni, kodwa kunabanye abanokuPhila, lowo yilabo abaneSambulo sikaJesu Kristu enhliziyweni yabo. Hhayi ngokuqhaqhazela, ukugxuma,

hhayi ngokujoyina ibandla. Kodwa, iSambulo, uNkulunkulu uMembulile.

163 Bukani ukuthi kwathini, "Umuntu uthi Ngingubani, iNdodana yomuntu, mina na?"

164 "Abanye bathi Ungu 'mprofethi.' Nabanye bathi Ungu 'Eliyase.' Nabanye . . . "

Wathi, "Kodwa nina nithini na?

165 UPetru wathi, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo." Lokho kwakungaveli ezindebeni zakhe.

166 Wathi, "Ubusisiwe wena, Simoni, indodana kaJona, ngokuba inyama negazi akuzange kukwambule lokhu. Awuzange ukufunde lokhu kwenye—kwenye isayense yenkambo elungileyo yeBhayibheli, noma elinye ikholiji lesayense yezenkolo. Ubusisiwe, ngokuba inyama negazi akukwambulelanga lokhu. Kodwa uBaba waMi oseZulwini ukwambulile. Futhi phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese angeLahlule."

167 Uma ungumKristu, kulokhu ukusa, ngoba uyasonta, ulahlekile. Uma ungumKristu ngoba wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni, ukhululekile ekwahlulelweni; ukuKristu, usungena ekupheleleni ngaso sonke isikhathi. UNkulunkulu angebone neyodwa into. Wena uthi, "Awu, ngiyoke ngilenze iphutha na?" Impela, kodwa awukwenzi ngamabomu.

168 Manje singena kulokho, emizuzwini embalwa nje, "Ngokuba lowo owona ngamabomu esemukele ikwazi kweQiniso, akusekho–mhlatshelo ngesono." Singena kulokho kulobubusuku, ngoba sesihambe kakhudlwana impela isikhathi manje.

169 Asifunde nje amanye amavesi athi awabe mabili alokhu, ukuze sizizwe singcono ngokwehla kancanyana. Kulungile. Awu, sizoqala ngqo singene kulokho kulobubusuku, ivesi 4. Lalelani lokhu.

> *Ngokuba akunakwenzeka ukuba labo asebake bakhanyiswa, futhi benziwa . . . futhi kade be . . . banambitha* amandla, iziphiwo *sasezulwini, benziwa abahlanganyeli kuMoya oNgcwele.*
>
> *Banambitha izwi elihle likaNkulunkulu, namandla ezwe elizayo,*
>
> *Uma behlubuka, ukuba babuye bavuswe . . . baphenduke; . . .*

Niyabo? Futhi sithatha lokho kumaHeberu 10, futhi kuye emuva naphambili, ukukhombisa ukuthi lokhu yini.

170 Bangani, "Masiqhubekele kokupheleleyo." Sine . . . asi . . . Asinazaba namuhla. Asinazaba, nhlobo. UNkulunkulu waseZulwni ubonakele ngalomuhla wokugcina futhi wenza

zona impela izinto ezifanayo Azenza ngaleyonkathi, ngenkathi Elapha ngaphambili, ngenkathi Esemhlabeni. Ufakazisile, njengoba siza ngaleliBhayibheli. Nani—nina, klasi, yazini lokhu, ukuthi sithathe isimangaliso ngesimangaliso, nesibonakaliso ngesibonakaliso, nesimanga ngesimanga, Asenza nabantwana ehlane, izinto nezibonakaliso Azenzayo; izinto Azenzile ngenkathi Elapha emhlabeni, sibonakaliswa enyameni; nazo impela izinto ezifanayo ziyenzeka namhlanje, khona lapha phakathi kwethu. Nanti iZwi ukuliqinisekisa. Nansi into ukusho ukuthi ilungile, ukuyilungisa. Nanku uMoya kaNkulunkulu ukuba wenze into efanayo, ngakho asinazaba.

Asikhuleke.

171 Baba waseZulwini! Lokhu sihaqwe yifu elikhulu lofakazi, masilahle onke amazwi, yonke into," konke okungalungile, onke amazwi amabi, onke amazwi akhulunywe kabi, yonke imicabango, "futhi masigijime ngokubekezela ekuncintisaneni okubekwe phambi kwethu, sibheke kumqalisi nompheleliSi wokukholwa kwethu, iNkosi uJesu Kristu." O malibusiswe iGama laKhe elingenakulinganiswa impela nelingcwele! Ukuthi Weza kanjani emhlabeni ukuzohlenga umuntu owileyo, nokubabuyisela enhlanganyelweni yeNkosi uNkulunkulu. Futhi siyaKubonga ngalokhu. Futhi manje ngomusa waKhe... Asizange siMkhethe, kodwa Wasikhetha. Wathi, "AniNgikhethanga, kodwa Nganikhetha." Nini na? "Ngaphambi kokusekelwa kwezwe."

172 Futhi, Nkulunkulu othandekayo, uma kunabanye abahlezi lapha kulokhu ukusa, mhlawumbe osekubeke eceleni lokhu iminyaka ngeminyaka, kodwa njalonjalo kunokungqongqotha okuncane enhiziyweni. Mhlawumbe bajoyine ibandla, becabanga, "Awu, kuzolunga." Baba, impela, imiBhalo ukuchazile lokhu kulokhu ukusa: ukuthi ungecashe emva kwebandla, futhi ulunge; kanjalo ungeke waba muhle, ungaqambi amanga futhi webe futhi wenze noma yini embi, futhi ube ulokhu usalungile.

173 Kunye kuphela ukulunga esinakho, okungesikho okungokwethu, kodwa ukulunga kwaKhe. Uphelelise insindiso yethu. Ngakho-ke, ngokuba kuYe, uNkulunkulu akawaboni amaphutha ethu. Uma senza noma yini engalungile, kunomoya kithi omemeza kakhulu, "O Baba, ngithethelele!" Khona-ke uNkulunkulu akakuboni. Ku... Singeniswa enhlanganyelweni nomusa naYe. Siphe khona, Nkosi, sisavala lenkonzo, eGameni likaKristu. Amen.

174 Okomzuzwana nje, ngithanda ukunibuza. Akunandaba ukuthi nenzani, nilahlekile. Lalelani lokhu. Esikhathini esithize esedlule... Ngingahle ukuba ngakuxoxa ngaphambili. Nasi isehlakalo esincane esenzeka kimi.

175 Ngangisenhla e—eToledo, eOhio. Ngangisemvuselelweni futhi—futhi nginomhlangano ezansi lapho nabantu abaningi kakhulu. Babazi ukuthi amahhotela lalikuphi; ngakho bangithatha bangikhiphela emaphandleni. Ngangihlala phandle lapho, ihhotela elincane labahamba ngezimoto.

176 Sasikade sidla esitolo esincane othenga udlele kuso iDunkard. Kwakuyindawo eyisimanga, amanenekazi amancane phakathi lapho njengomKristu nje futhi ebukeka njengabangcwelisiweyo ngakho konke, ehlanzekile futhi emahle ngempela. Kufika iSonto, ngalamba. Ngangikade ngizile ukudla kancane. Futhi ngifuna ukweqa umgwaqo ngiye kwesinye, ngi ode okuncane. Umgwaqo omncane lapho ngasekhoneni, futhi kwakukhona nje evamile, ejwayelekile, indawo yaseMelika lapho, yokudla. Encane, yayinendawo encane, ikhefi, livula ubusuku bonke. Ngenkathi ngihamba ngiyongena lapho ngaleloSonto, cishe ngelesibili nqo ntambama, ngaphambi kokwehla ngiyoshumayela ngaleyontambama.

177 Ngabambeka kakhulu, angazanga ukuthi ngifanele ngenzenjani. Ngangena, nento yokuqala ngaqaphela ukuthi kwakukhona intombi ethi ayibe neshumi nesithupha, iminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, isithandwa sikababayi othize, isithandwa sikamama othize, imi emuva lapho nomfana, izandla-zayo zisezinqulwini zayo. Isigejane senjejane sihlezi e—ekhawunteni.

178 Ngezwa umshini wokufaka imali. Ngabheka *ngapha*, futhi kwakukhona iphoyisa limi lapho ligaxe owesifazane, ngenhla lapha, okhalweni lwakhe, futhi bedlala emshinini ofakwa imali. Manje, niyazi ukuthi ukugembula nomshini ofakwa imali awuvunyelwe eOhio, nina bantu baseBeckeye lapha. Futhi niyazi ukuthi lokho akuvunyelwe. Futhi nakhu kwakukhona umthetho, udlala emshinini ofakwa imali; nendoda enguntanga yethu, mhlawumbe iganiwe, isigejane sabantwana, mhlawumbe isingumkhulu. Iphoyisa, ihambahamba igibele, idlala umshini ofakwa imali. Kwakukhona lowo omusha . . . Benzeni ubunjejane na? Kwenzeni lokhu na?

179 Ngama lapho. Akekho owangiqaphelayo ngingena, babebhizi kakhulu, uhhafu wabo udakiwe. Ngakho, ngabhekisisa. Ngezwa omunye ethi, "Awu, nicabanga ukuthi imvula izolimaza isithombo esidliwayo irubhabhu na?" Futhi ngabuka ngapha, futhi nakhu kuhlezi inenekazi lihlezi lapho, isalukazi, ngempela . . . Sasinamashumi ayisithupha–nanhlanu, amashumi ayisikhombisa, eduze kwawo. Nenenekazi ndini . . . Angigxeki–muntu ngokuthi babukeke kahle ukwedlula konke. Kodwa uma li . . . Lalizilungisile, lenza izinwele zalo zaba l'hlaza s'bhakabhaka, zibukeka zil'hlaza s'bhakabhaka ngempela. Futhi zonke zinqunyiwe, phezulu, futhi lazenza zaba l'hlaza s'bhakabhaka ngempela. Futhi lalinobuqhathanzipho obulugqinsi ngempela, noma niyibiza ngokuthini lento efakwe

ebusweni balo, namabala amakhulu. Futhi laligqoke izikhindi ezincane ezimfishanyana, nento endala bandla yayisimbimbi kabi kwaze kwathi inyama, ithecethece, inyama yayilenga *kanjalo* emilenzeni yalo. Futhi lalidakiwe. Lalihlezi lapho nekhehla, ngesikhathi sasehlobo, nelinye lalawa amadala, ligqoke amajazi ampunga asempini, noma umdubu womnqumo. Lalilenga phansi *kanjalo*, nesikhafu esikhulu sithandele entanyeni yalo. Lidakiwe, bobabili, futhi ayenalesisalukazi ndini.

180 Ngama lapho ngase ngiqalaza. Ngathi, "Nkulunkulu, Ungakumela kanjani na? Yini—yini . . . Uyibuka kanjani into enjengaleyo na? Ngenkathi, kungenza, isoni esisindiswe ngomusa, ngicabange lokho, Unga—ngakubuka kanjani na? Ngani, kubonakala sengathi Ubungayiqhumisa into ivuleke. Ngabe uRebekah wami omncane noSara bazodingeka bakhule phansi kwalolohlobo lokuthonya na? Ngabe amantombazanyana ami amabili azofanele adibane neli—lidumile, elaziwa kanjalo, izwe njengoba linjalo namhlanje, lapho abantu beziphatha kanjalo na? Nkulunkulu, ngingake ngize . . . ngingenzenjani na?"

Kusobala, ngumusa waKhe. Uma babemiselwe ukuPhila okuPhakade, bayoza kukho. Uma babengakumiselwe, bangeke. Angazi. Lokho kukuNkulunkulu. Ngizobamba iqhaza lami.

181 Ngacabanga, "Ungakumela kanjani, Nkulunkulu na? Kubukeka sengathi Ungcwele kakhulu ukuthi Uvele nje uyishanele leyonto uyisuse emhlabeni." Ngathi, "Awubheke lowogogo ndini ehlezi lapho. Buka leyontombazane esencane emuva lapho. Futhi nangu owesifazane emi lapha, mhlampe oneminyaka engamashumi amabili-nanhlanu ubudala. Nalelophoyisa limgaxe okhalweni lwakhe, bedlala emshinini ofakwa imali. Futhi *nanko* umthetho; isizwe asisekho. N*ampo* ubumama abusekho. *Nangu* omdala akasekho. Futhi *nanso* intombazana encane ihlezi emuva lapho, futhi ayisekho. Buka abafana, kanti bebefanele babe sebandleni noma ndawo ndawo."

182 Ngathi, "O Nkulunkulu, yini engingayenza na? Futhi nakhu ngikulelidolobha, ngikhala ngenhliziyo yami yonke, futhi bakushaya indiva futhi bahamba sengathi bebe . . . " Ngacabanga, "Awu, Nkulunkulu?"

183 Awu, kwase–ke kufika umcabango, "Uma ngingababizanga, bangeza kanjani na? Konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza. 'Unamehlo kodwa awukwazi ukubona, izindlebe futhi awukwazi ukuzwa.'"

184 Ngacabanga, "Awu, ukuba uMongameli ubengeza edolobheni esikhundleni semvuselelo, wonke umuntu ubengaphuma. O, impela, lokho ngokwezwe."

185 Ngase–ke ngicabanga, "Awu, Nkulunkulu, kanjani, yini Ungevele nje, awu, uze, uthume uJesu futhi sibenakho naye na?

Ngeke nje—nje sihambe futhi sibe nakho ndawo zonke, futhi sikuyeke kuhambe na?"

186 Ngase ngiqala ukubona into inyakaza phambi kwami. Kwakubukeka njengokuvunguza okuncane kuhamba kujikeleza *kanje*. Ngangilokhu ngikubhekisisa. Ngabona umhlaba uphenduphenduka uphenduphenduka. Ngawubhekisisa, futhi lapho wawufaza okuthile. Ngabuka, futhi kwakungukufaza okubomvu, iGazi elibomvu klebhu, ngaphesheya, emhlabeni jikelele; njengokuvunguza nje kuhambahamba, njengenkanyezi enomsila, futhi wawunokuvunguza *okunje*. Ngase ngibuka lokhu ukuvunguza. Futhi nje ngaphezu kwakho, ngabona uJesu embonweni. Wayebuka phansi. Ngase ngizibona ngimi ngiphansi lapha emhlabeni, ngenza izinto engangingafanele ngizenze. Futhi ngaso sonke isikhathi uma ngona, uNkulunkulu wayeyongibulala, "Isizathu, mhla uwudla, kumhla ufa." Futhi ubungcwele bukaNkulunkulu nokulunga kuyadinga, futhi wawungafa. Ngase-ke ngibuka lapho. Ngangilokhu ngicikica amehlo ami. Ngathi, "Angi . . . Angizange ngiyolala. Ngi . . . Ngumbono. Ngiqinisekile ukuthi lona ngumbono."

187 Ngangilokhu ngibhekisisa, lapho ngimi emva komnyango. Ngase ngibona izono zami uqobo zikhuphuka. Futhi ngaso sonke isikhathi zaziqala ukutheleka esiHlalweni sobukhosi, iGazi laKhe lalenza njengebhampa emotweni. Lalisibamba, futhi ngangiSibona sizamazama, neGazi lehle ebusweni baKhe. Ngase ngiMbona ephakamisa izandla zaKhe, bese ethi, "Baba, mthethelele, akakwazi akwenzayo."

188 Ngazibona ngenza enye nto, yayiMzamazamisa futhi, kubhampe. Kwakuyoba nakho, uNkulunkulu wayeyongibulala ngaso lesosikhathi, kodwa iGazi laKhe lalingibamba. Lalibambe izono zami. Ngacabanga, "O Nkulunkulu, ngabe ngakwenza lokho na? Impela kwakungesimi." Kodwa kwakuyimi.

189 Ngase ngihamba ngihamba *kanje*, sengathi ngangihamba ngidabula kulelokamelo, ngase ngihamba ngenyukela kuYe. Ngibone incwadi ilele lapho, yayinegama lami kuyo, nazo zonke izinhlobo zezinhlamvu zamagama amnyama ebhalwe avundla kuyo. Ngathi, "Nkosi, ngiyaxolisa ukuthi ngenze lokhu. Ngabe izono zami ziKubangele ukuba wenze lokho na? Ngabe ngipininizise iGazi laKho emhlabeni jikelele na? Ngabe nge—ngabe ngenze lokhu kuWe, Nkosi na? Ngiyaxolisa ukuthi ngikwenzile." Wayeselula isandla. Ngathi, "Uzongithethelela na? Bengingakuqondile. Ngizo . . . Wena, ngomusa waKho, ngizozama ukuba ngumfana ongcono uma nje Uzongisiza."

190 Wathatha isandla saKhe wayesembambatha uhlangothi lwaKhe, wathatha umunwe waKhe wayesebhala "uxolelwe" encwadini yami; wayiphosa emva kwaKhe, uLwandle lokuKhohlwa. Ngakubhekisisa kancanyana. Wayesethi, "Manje, Ngiyakuthethelela, kodwa wena ufuna ukumlahla."

Niyabo? Wathi, "Uthethelelwe, kodwa uthini ngaye na? Ufuna ukumqhumisa. Ubungafuni aphile."

191 Ngacabanga, "O Nkulunkulu, ngithethelele. Bengingaqondile ukucabanga lokho. Bengingafuni ukwenza lokho. Bengi—ngi—ngingafuni ukwenza lokho."

192 "Uthethelelwe. Uzizwa ukahle. Kodwa uthini ngaye na? Uyakudinga, naye. Uyakudnga."

193 "Awu," ngacabanga, "Nkulunkulu, bengaze kanjani ukuthi ubani Owambizayo, nokuthi ubani Ongambizanga na?" Kungumsebenzi wami ukukhuluma kumuntu wonke.

194 Ngakho, ngenkathi umbono usuka kimi, ngawelela kuye. Ngathi, "Sawubona, nenekazi?" Nalawomadoda amabili ayeye endlini yangasese. Futhi a . . . Wayehlezi lapho, eshaywa yithwabi, uyazi, ehleka. Ibhodlela likagologo lihlezi phezu kwetafula, noma ubhiya, kwakuyiwo, uphuzo oludakisayo luhlezi lapho, lapho ababekade bephuza khona. Ngenyuka. Ngathi, "Sawubona?"

Wayesethi, "O, halo."

Ngase ngithi, "Ngingahlala phansi?"

Wathi, "O, ukhona engihambisana naye."

Ngathi, "Bengingaqondile ngaleyondlela, dade."

Wangibuka ngenkathi ngimbiza ngo "dade." Wathi, "Ufunani na?"

Ngathi, "Ngingahlala phansi umzuzu nje."

Wathi, "Zisize." Ngase ngihlala phansi.

Ngamtshela ukuthi kwakwenzekeni. Wathi, "Ubani igama lakho?"

Ngase ngithi, "UBranham."

Wathi, "Ungumuntu wasezansi lapha kulendawo iarena na?"

Ngathi, "Yebo, mem."

195 Wathi, "Bengifuna ukwehlela lapho." Wathi, "Mnu. Branham, ngakhuliswa emndenini wamaKristu." Wathi, "Nginamantombazane amabili asemancane engumKristu. Kodwa izinto ezithize, thize zenzeka, yase iya emgwaqeni ongalungile, noma yaqala."

196 Ngathi, "Kodwa, dade, angikhathali, iGazi lisalokhu likuzungezile. Lelizwe lisibekelwe yiGazi." Ukuba Belingawusibekele, uNkulunkulu ubengasibulala, sonke. U . . . Ngenkathi leloGazi lisuswa, bheka ukwahlulelwa. Kodwa manje, uma ufa ngaphandle kwaleloGazi, uyangaphambili le kwaleyondawo, khona–ke akukho lutho lokukumela. Namhlanje iGazi limi esikhundleni sakho. Ngathi, "Nenekazi, impela, iGazi lisakusibekele. Inqobo nje uma usenawo umoya

emzimbeni wakho, iGazi likusibekele. Kodwa ngoluny'usuku uma umoya usususka lapha, umphefumulo uphuma, uyohamba uye ngaphambili le kwaleloGazi, futhi akusekho–lutho kuphela ukwahlulelwa. Ngenkathi usenethuba lokuxolelwa . . . " Ngase ngimbamba ngesandla.

197 Wayekhala, wathi, "Mnu. Branham, ngiyaphuza."

198 Ngathi, "Lokho akulimazi. Into ethize, enye ingexwayisile ukuba ngize ngizokutshela." Ngathi, "UNkulunkulu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, wakubiza, dade. Futhi wena wenza okungalungile, futhi kuphela ukwenza kube kubi kakhulu."

199 Wathi, "Ucabanga ukuthi Uzoba nami na?"

200 Ngathi, "Uqobo, Uzoba nawe."

201 Lapho ngamadolo akhe, saguqa phansi phakathi nalelophansi, nomhlangano womkhuleko oyifeshini endala. Lelophoyisa lethula isigqoko salo lase liguqa ngedolo elilodwa. Lapho saba nomhlangano womkhuleko, kuleyondawo. Ngani na? UNkulunkulu uyazibusa.

"Sibeke eceleni lemisebenzi efile, masiqhubekele kokupheleleyo."

202 Masiqhubekele kulelozinga lendawo lapho laba, "Ngingowesonto; ngingowa*lokho*," lokho konke sekuphelile. Futhi masiqhubekele kokupheleleyo.

203 Mngani wami oyisoni, uma ungaphandle kweGazi namhlanje, ngaphandle kwensindiso, ngaphandle komusa, iGazi likaJesu Kristu liyakubamba. Wena uthi, "Awu, ngisenakho ngaso sonke lesisikhathi." Kodwa ngoluny'usuku uzoya lapho kungasekho lutho olusakusalele–ke.

Asikhuleke manje, sisakhothamisa amakhanda ethu.

204 Ngabe ukhona, ongathi, oyedwa lapha namhlanje ongathanda ukuthi, "Nkulunkulu ngihawukele, ngiyaqonda ukuthi ngenze okungalungile"? Mhlawumbe ujoyine ibandla. Lokho kulungile. Kodwa uma ungakawemukeli umusa kaKristu, ungasiphakamisa isandla sakho bese uthi, "Ngikhulekele, mina, Mfowethu Branham"? UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Nakho–ke. Unga . . . UNkulunkulu akubusise, mnumzane, emuva lapho. UNkulunkulu akubusise, nawe. Emuva le ngemuva, yebo, uNkulunkulu akubusise. Phakamisa isandla sakho. Nakho–ke. Phakamisa isandla sakho nje, bese uthi, "Nkulunkulu, ngihawukele."

205 Wena uthi, "Ngingowesonto, Mfowethu Branham. Yebo, ngi—ngizamile ukuba kahle, Kodwa angazi, ngibonakala nje, kubukeka sengathi, angikwazi ukukwenza." O, sihambi bandla, mngani ongumxegexege bandla, awukaze ngempela uwubone umbono namanje.

206 Wena uthi, "Mfowethu Branham, ngamemeza. Ngikhulume ngezilimi. Ngenze konke lokhu." Lokho kungahle kube yiqiniso, nakho. Lokho kulungile, akukho okungashiwo okumelene nalokho.

Kodwa, mngani wami olahlekileyo, othandekayo, kodwa, ukukhuluma ngezilimi, noma ukuqhaqhazela, noma ukuxhawulana, noma ukubhaphathizwa, lokho, lokho kulungile. Kodwa, ukumazi Yena, kungukwazi uMuntu. "Ukumazi Yena kungukuPhila."

207 Wena uthi, "Ngiyalazi iBhayibheli, kahle kakhulu." Awu, ukwazi iBhayibheli, akusikho ukuPhila. "Ukumazi Yena," isabizwana somuntu, "ukumazi Yena, uKristu," ukuthi uyazi ukuthi Ukuthethelele.

Ungaziphakamisa nje izandla zakho, futhi, omunye futhi? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise ngapha, mfowethu. UNkulunkulu akubusise emuva lapho, nsizwa. UNkulunkulu akubusise ngapha, dade. UNkulunkulu akubusise, emuva le ngemuva, lapho. Kunjalo. "Ukumazi Yena, kungukuPhila."

"Mfowethu Branham, ngikhumbule. Mina manje, khona lapha esihlalweni sami, ngizokwemukela uKristu."

208 Uthi, "Ngena enhliziyweni yami, Nkosi Jesu, futhi ungiphe lokho kuthula, lobo bumnandi." Uye esontweni, udlale umnyuziki ngawo onke amandla akho, usine phansi–na–phezulu, ugijime esikhaleni sezihlalo, uye ekhaya ukhandlekile, udidizele uye le nale, lowo akusuye uKristu. Uye esontweni, uhlale futhi ulalele entshumayelweni ethize encane ngokuthi ibriji lizopendwa kanjani, noma okuthize, okunye kanjalo, ungalizwa neze iZwi. IZwi liletha ukuPhila. LiyiMbewu. Anikufuni ukuthula na?

209 Ngabe ukhathazeka mayelana nokufa na? Ubuzoba nokuhlaselwa yinhliziyo namuhla, ngabe kuyakukhathaza na? Noma ubungajabula, ukuba uthi, "Ngizoba neNkosi uJesu ekupheleni kwalomgwaqo"? UyaMazi na? Uma ungamazi, phakamisa isandla sakho nje. Sizokucelela umkhuleko. Yebo, mfowethu, wena, futhi.

210 Kulungile, enhliziyweni yakho manje.

> Njengokuba nginje, ngingenaso nesisodwa isicelo
> Kodwa ukuthi iGazi laKho lachithelwa (bani?) mina,
> Ngoba ngiyethembisa, ngizokholwa,
> O Wundlu, O Wundlu likaNkulunkulu, ngiyeza. Ngiyeza, ngomusa, ngesihawu.
>
> Njengokuba nje . . .

Hamba nje uqonde kuYe, ngokukholwa. Ukholwe ukuthi Umi khona lapho ngakuwe. Unjalo.

> . . . ting qha
> Ukususa emphefumulweni wami (kokungakanani manje na?) kukodwa . . . (ulaka, inhliziyo embi),
> KuYe OGazi lakhe lingahlanza ibala ngalinye,
> O Wundlu . . .

211 "Ngokukholwa ngizohamba ngiye esiphambanweni, kulokhu ukusa. Ngibeka imithwalo yami phansi. Ngiyeza." UNkulunkulu akubusise emuva lapho. Lokho kuhle. [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha u *Njengokuba Nginje*—Umhl.] Ningabi ngabanganaki manje. Ngokufudumele, ngokumnandi, yenyukelani esiphambanweni ngqo.

212 ETestamenteni eLidala, babeletha iwundlu. Babazi ukuthi babonile, babekwazi ngemiyalo. Niyakwazi manje, ngoba uNkulunkulu ukhulume enhliziyweni yakho. Bathatha ukubheka imiyalo, "Ungaphingi. Ungenzi *ukuthi–nokuthi*." Base bethatha iwundlu, bahamba base bebeka izandla zabo phezu kwewundlu, umpristi alinqume umqala. Umfo omncane wayekhahlela, futhi opha, futhi ekhala, futhi efa. Izandla zakhe zonke sasimbozwe yigazi. IWundlu lafa endaweni yakhe, kodwa wayephuma enesifiso esifanayo sokukwenza futhi.

213 Kodwa kulendawo, siza ngokukholwa, ngomusa. UNkulunkulu wasibiza. Sibeka izandla zethu phezu kwekhanda leWundlu likaNkulunkulu. Siyasizwa lesosando esishwibekayo. Siyalizwa leloPhimbo, "Ngomile; Ngipheni amanzi. Baba, ungababaleli lesisono; abakwazi abakwenzayo." Niyabo? Ngokukholwa, siyakuzwa ukufa kwaKhe lapho esikhundleni sethu. Phansi enhliziyweni yethu kufika okujulile, ukuthula okuzinzile, uma iPhimbo lithi, "Uyaxolelwa manje. Hamba ungabe usona." Kanjani, ngomusa, manje–ke, sisuka sihambe singasenaso isifiso esifanayo, kodwa isifiso sokuba singabe sisona noma senze noma yini engalungile. Ukuthula okudlula ukuqonda konke, kungene enhliziyweni yethu.

Kwangathi ungaLemukela manje sisakhuleka, sonke, kanyekanye.

214 Baba waseZulwini, beza ngokukholwa, ngomusa. Kukhona cishe idazini lezandla eziphakamileyo. Yizithelo zoMlayezo. Beza kuWe. Bayakholwa. Ngiyakholelwa kubo, nami, Nkosi. Ngiyakukholwa lokho, qiniso, uMoya oNgcwele ukhulume kubo. Futhi ngokukholwa bakhwela ngqo esikhwelweni sikaJakobe manje, size soyofika ngqo onyaweni lwesiphambano, lapho kubekwe phansi zonke izono zabo, futhi bethi, "Nkosi, kungaphezu kwami. Ngeke nje ngisakwazi ukube ngisasithwala. Futhi Ungawususa umthwalo wami wesono, bese ukhipha isifiso enhliziyweni yami sokwenzenjalo na?

Futhi makuthi mina, ngokukholwa, kulolusuku, ngiKwemukele njengoMsindisi oqondene nami. Futhi kusukela emva kwalokhu, ngizoKulandela onke amamayela endlela, kuze kube sekupheleni kohambo. Ngithi nhla kulokho 'kuqhubekela kokupheleleyo,' kungesikho ukuya esontweni, nezimpande zemisebenzi efileyo njengemibhaphathizo nokunye nokunye. Kodwa ngifuna ukuqhubeka, ngize ngingabe ngisababikho, futhi uKristu akwazi ukuphila kimi."

215 O Jesu, yipha lokhu kunoma yimuphi umphefumulo odabukile ngokona, kulokhu ukusa. Bonke abaphakamise izandla zabo bazokwemukela ukuPhila okuPhakade ngoba Wakwethembisa. Benze ukwemukela emphakathini. Baphakamisa izandla zabo. Bephule yonke mithetho yokudonsela emhlabeni. Benze isayense ibe namahloni ngabo, ngoba isayense ithi, "Ingalo yakho izofanele ilenge ibheke phansi." Noma yini ibingakufakazisa lokho kwisayense, ukuthi ifanele ihlale iboshwe ngumhlaba, ngoba amandla adonsela emhlabeni ayibamba ibheke phansi. Kodwa bekukhona uMoya kubo owenze isinqumo, futhi bayishaya indiva mithetho yokudonsela emhlabeni futhi baphakamise izandla zabo. Usibonile, Nkosi. Wabhala igama labo eNcwadini. "Uxolelwe." Incwadi endala isemuva oLwandle lokuKhohlwa manje, ukuba zingabuye zikhunjulwe. Mabaye phambili namhlanje, njengathandayo, amaKristu amnandi, ukukhonza Wena. Futhi mhlawumbe abaningi abangasiphakamisanga isandla sabo, baphe futhi.

216 Abangcwele mabahambe basondele kancane nje, Nkosi, ngokuba sesisondele ngosuku olulodwa eKhaya kunoma besiyizolo. Wena yiba nathi, Nkosi, ngokuba sikucela eGameni likaKristu nangenkazimulo yaKhe. Amen.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org